

NGINGANQOBA KANJANI?



Asikhothamise amakhanda ethu senzele umkhuleko.

Baba wethu, siyaKubonga, kulokhukusa, ngalesisikhathi esihle sokuhlangana ndawonye futhi, nokuvula iZwi leNkosi, Libekwe lapha phambi kwethu. Na—nangomkhuleko manje, ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha lokho okunguNkulunkulu, futhi uzokwethula kithi, ukuze sisuke kulendawo yokukhonzela namhlanje sinezinhliziyo ezijabule ezigcwele ukujabula. Siyabona amandla aKho amakhulu okukhululwa, Nkosi, ukuthi abakhulula kanjani abathunjiweyo futhi abakhulule, asazise “izinto eyayikhona, nekhona, nezayo.” Futhi siyaKubonga nje ngalezizinto.

² Siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa njengoba sitadisha iZwi laKho manje ndawonye. Futhi uma sesihamba, kwangathi kungashiwo ezinhliziyweni zethu, sihambisana endleleni, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi phakathi kwethu lapho Yena, uMoya oNgcwele, ekhulume kithi ngenkathi sisendleleni.”

³ Busisa wonke umfundisi namhlanje, ndawozonke, izinceku zaKho emele loKhu, iQiniso laKho. Phendula imikhuleko yabo yabagulayo. Philisa imizimba egulayo yalabo abahluphekayo.

⁴ Nkosi, sicela ukuthi Uzophumela phandle phakathi kwabantu futhi ufune leyombewu emiselwe ngaphambili phandle lapho, Nkosi, futhi uyilethe ngapha, ngandlela thize, ukuthi ukuKhanya kuzowela ngaphesheya kwendlela, Nkosi. Ngokuba, sikholwa ukuthi ihora lishiywa isikhathi, ilanga lishona ngokushesha entshonalanga, manje-ke masinya kuzoba ukuthi “isikhathi asisayikubabikho.” Isikhathi nePhakade kuyohlangana ndawonye thaqa lapho uNkulunkulu nabantu baKhe kuhlangu ndawonye thaqa. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi, ngalesosikhathi, ukuthi siyobalwa phakathi kwalabo abayohlanganiswa thaqa kuKristu, obizwa ngoMlobokazi waKhe.

Sisize, namhlanje, njengoba silungiselela, singazi ukuthi ikusasa lizobe liphetheni, kodwa sesilungele ukwemukela noma yini, Nkosi, ngokwazi kwethu, Wena onakho ngathi. Sesilungele ukuLemukela. Sicela lesisibusiso ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁵ Ngijabule ngempela, kulokhu ukusa, ngenkathi ngingena ngase ngibona ukuthi a—abantu babuthene ndawonye ngenkonzo yeNkosi. Futhi sinikeza isimemezelo manje salobubusuku. Kuzoba nenkonzo yokuphilisa kulobubusuku.

Sizobe sikhulekela abagulayo, kulobubusuku. Emizuzwini embalwa nje eyedlule, ba . . .

⁶ Lapho ngingena, uBilly, indodana yami, ungitshelile, wathi, “Kuno—nomnumzane ohloniphekile lapha, oyindoda ehluphekayo nje oshaye kusukela ebangeni elide.” Wayesethi, “Ngi—ngimfake ekamelweni, Babayi.”

⁷ Ngi—ngingene emva kwesikhathi izolo ebusuku, futhi—futhi angikwazanga ukuthola ukutadisha kakhulu endabeni kaSonto sikole ebengizokhuluma ngayo, kulokhu ukusa. Ngakho ngicoshe amanye amanothi amancane engiwacoshe kulokho engezwa omunye umfowethu ekusho, futhi ngathatha kuleyondikimba, ukuthi ukuba nesifundo sikaSonto sikole kulokhu ukusa; futhi sisalungiselela, futhi silungiselela inkonzo yakusihlwa.

⁸ NoBilly uthe, “Kunendoda phakathi lapho egulayo.” Wathi, “Ngi—ngi—ngifisa sengathi ubungahamba wedlule futhi uyibone.” Ngakho, ngingene ekamelweni manje nje. Nomfowethu othi akabe nguntanga yethu, nomkakhe, behlezi phakathi lapho. NoMoya oNgcwele wehlela phakathi kwethu ekamelweni manje nje.

⁹ Cabangani nje, nje ukuphatha inkonzo yokuphilisa, futhi Wayeselapho. Niyabo? Futhi Utshela lomfowethu konke mayelana nabekwenzile, nakade ekwenza, nokubangele inkathazo yakhe, nokuthi uvelaphi, nakho konke ngaye. Futhi kube nelikhulu ithunzi elimnyama lilenga ekamelweni. Kwase-ke kuqala ukukhanya kakhulu, kwakhanya kakhulu, kwakhanya kakhulu, futhi kwakhanya kakhulu, kwase kuthi-ke uMoya oNgcwele wabamba.

¹⁰ Manje, ngicabanga ukuthi indoda ise . . . ndawondawo emuva lapha manje. Yona nomkayo mhlawumbe abakwazi ukungena endlini, kodwa bathe bazohlala, empeleni, benzele inkonzo. Bavela enhla ngakhona, eduze kwaseYakima, eWashington, futhi bashayela bangena. Futhi ingumfundisi weVangeli.

Kodwa nje ukubona umusa ka—kaNkulunkulu lapho! Lapho, indoda yayikade isesikhungweni futhi inokwelashwa nayoyonke into. UMoya oNgcwele wembula konke lokhu. Ngenkathi, odokotela bezama kanzima ukwenza konke ababengakwenza, mhlampe, ngendoda, kodwa nje kwathatha lokho kuthinta okuthize okuncane okuvela kuNkulunkulu, ukuphendula ibuya. Ukwelapha ukwethuka kulungile, kodwa kuluhlobo olufana nokuthi besingakubiza ngokuthi “umjovo ebumnyameni,” niyazi. Wena, kungahle kukwenze ubemubi kakhulu, uyabo, ngoba ubuzokhohlwa iyoyonke into oke wayazi, uma befaka lowomuthi kuwe. Kodwa iNkosi uNkulunkulu, ukuthi unjani umusa waKhe nesihawu! Futhi ngisho ngaphambi kokuba ngize ngimsholo izwi lomkhuleko, bese kuvele kuphelile.

Niyabo? Kuthathe nje leyonto ethize kaNkulunkulu, lokho kuthinta okuthize, ukukwenza.

Beningafanele ngikusho lokhu. Ya. Bengingabuka ngale, ngiyibone indoda manje. Awu, bengingazi ukuthi ubuzophumelela yini namhlanje, noma qha.

¹¹ Ezansi ezweni lapho kade ngihlala khona, kuleliviki. Ngi—ngi—ngiyabathanda abangani bami ezansi lapho. Kuyiholidi elincane phambi kwalemihlangano emikhulu, niyabo. Futhi ngifike ekhaya, ukuba ngehlele lapho futhi ngiphume ngizingele izingwejeje nalababazalwane. Nalomndeni, imindeni, njalo, engihlala nayo ezansi lapho, bangabantu abathandekayo ngempela. Nendoda, umfowethu ngempela, abangani; bayibo.

Nomunye wabo ungumthandi omkhulu we—wezinja zokuzingela. Futhi unesibayana esigcwele zona enhla lapho. Futhi—futhi ngiboneinja enkulu encane enhle kunazozonke ezansi lapho, umfo omncane, wayeyilokho engikubiza cishe ngalokho, “uhhafu wenja ukuphakama nezinja ezimbili ubude,” uyazi, e—ebijima izungeza indlu lapho. Futhi ngacabanga, “He, uJoe ubengethande ukuba nento enjengaleyo!”

¹² Futhi, kusobala, phandle eArizona, akakwazanga ukuyisebenzisa. Ibiyongena emdolofiyeni, nalokho bekuyoba ngukuphela kwayo. Ngakho ngakho-ke ngathi, futhi, “Ungebe nayo. Abazisebenzisi izinja phakathi lapho, kuleyongxenyeyezwe. Isizathu, bona, awu, abakwazanga nje ukuzisebenzisa bona. Bayo. . . futhi, isimo sezulu, i—esimo sezwe sinomdolofiya, futhi beziyofa.” Futhi manje-ke, iqiniso,inja enkulu phandle lapho, i—impisi, noma into ethize ingayibulala, mhlampe, empeleni, ukuba ibingaphuma.

¹³ Ngakho ngakho-ke lendoda yathi kimi, “Ungayithatha nje.” Kodwa a—angikwazanga ukuyithatha. Nga—ngayithokozela. Ngithola ukuthi, Kwakungenye yezinja zakhe azithanda kakhulu.

¹⁴ Nalendoda inonkosikazi omncane othandekayo onabantwanyana abancane. Futhi ngolunye usuku, owesifazane waqala ukubuya aphume ngemoto yakhe owesilisa, futhi wayenalemoto iOldsmobile. Nenja encane ithi ayibe yinde kangako, umdlwane nje. Wase egijima eqonda nqo phezu kwayo. Leyo Oldsmobile ihamba ngqo inqamula enjeni encane, emhlane wayo *lapha*, futhi yayifihliza phansi, lapho amadwala asesigwaqaneni esingena ekhaya ayevele nje ancenza abhoboza isisu sayo esincane phansi lapha, niyazi. No—nonkosikazi omncane, esikhundleni sokugijimisainja encane iye kudokotela wezilwane. . . Kusobala, udokotela wezilwane wayeyovele nje ayilalise ngaso lesosikhathi, futhi ayibulale. Niyabo?

Kwakukhona enye insizwa inami. Futhi kwathi ingenyukela lapho, yathi, “Ukuba leyo bekuyinja yami, bengizoyidubula.”

Yathi, “Yilokho kuphela. Ngiyiyeke izwe ubuhlungu kanjalo na?”

¹⁵ Ngathi, “Awu, asingayidubuli.” Ngathi, “Ake silinde kancanyana.”

Kwasuswa wonke umuntu, ngase ngihamba futhi ngayikhulekela. Inja encane yangilandela yenyukela egosini lasendlini. Futhi yena, [Ibandla liyajabula—Umhl.] yebo, yena... Niyabo? “Noma zinto zini enizifisayo, uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwamukela; niyoba nakho, niyonikwa khona.” “Noma zinto zini.” Leyo yiNkosi uNkulunkulu wethu. Akusikho na? [Ibandla lithi, “Amen.”] U—Uyamangalisa nesimangaliso. Futhi siMthanda ngempela, kulokhu kusa; futhi siMbhekile, futhi sazi.

¹⁶ Ngibone, ngolunye usuku, i—izithandani ezindala, umama nobaba belunga elihle kakhulu laleli—lelibandla lamakholwa. Nomama u, o, ngiqagele usondele ekhulwini, nobabayi unjalo, naye. Futhi lapha eminyakeni eyishumi nambili lendoda ingakaze inyakaze; ngomhlane wayo, nje ilele iqonde thwi. Noma, ayikwazi ukulala ngohlangothi lwayo, noma lutho. Yalala lapho iminyaka eyishumi nambili. Iminyaka yobudala nje! Nomama manje usethi akabe seminyakeni yakhe ubudala, ngiqagele, ngalapho ukusondela ekhulwini, nento endala ezihluphekelayo isithi nje ayilahlekelwe ukulawula kwenqondo yakhe. Icabanga ukuthi muntu mumbhe uthatha konke anakho.

Futhi ngabuka e... ngale kwetafula, thina sonke, abasha nabadala, sihlezi lapho. Ngase ngithi, “Siyaphi na? Senzani na?” Nenekazi engangihlala nalo ngaleyonkathi, elalingumama wakhe nobabayi. Ngase ngithi, “Uqonde kuleyondlela, nawe. Impela, sonke.” Niyabo?

¹⁷ Kucabangeni nje, umzuzwana nje, ngaphambi kokuba siqale isifundo sethu. Yilapho eniqonde ngakhona. Nizabalazela ini na? Ukuze niphile. Niphilela ini na? Ukuze nife. Bekungeke yini kube ngubuwula obukhulu kakhulu uma singakwemukelanga ukuhlinzekela ukuPhila okuPhakade kukaNkulunkulu na? Besingacabanga ngani na? Yini—yini ebingaba semqondweni wethu, ebingaheha ukunaka kwethu e... kunoma yini na? Ukuba-ke ubunamadola ayizigidi eziyikhulu, futhi unesifundazwe sase—saseIndiana, kumbe noma yisiphi esinye isifundazwe, noma ngisho isizwe, noma, mayelana nalokho, umhlaba wonke jikelele na?

Uphila isikhathi eside ngokwanele, ufanele ufike kulokho, nawe. Niyabo? Futhi njalonjalo, usuku nosuku, njalo inhliziyi yakho ishaya, uqonde ngqo kulokho. Niyabo? Wena, akukho kuwina kwakho. Ungasohlangothini olulahlekelwayo, futhi, wena, ufanele ulahlekelwe. Kodwa khumbula isithembiso, ukuthi, “Oyolahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yaMi uyakukufumana.” Manje, yikuphi okunye futhi kwengcebo

obungakufumana kunokuPhila, noma ubufumane umhlaba wonke ubengowakho na? Kodwa, uma u—uma ufumana ukuPhila, ufumane into enkulu kunazo zonke ebingafunyanwa. Ngifuna uku. . .

¹⁸ Ngibuke ngakwesokunxele sami ngase ngibona futhi, njengamanje, omunye umklomelo womusa weNkosi. Cishe emavikini ambalwa edlule, ngabizelwa efonini. Nelunga elithandekayo lalelibandla, noma lomzimba...angifuni ukubiza lokhu kakhulu kangako njengebandla. Ngi—ngifuna ukubiza lokhu, lokho. . .

Njengoba ngangikhuluma kwabanye abantu, bathi, “Awu, usontaphi na?”

Ngathi, “Angisonti. . .”

“Usonta kuliphi ihlelo na?”

Ngathi, “Alikho.”

Bathi, “Awu, usontaphi na?”

Ngathi, “UMbuso.”

¹⁹ UMBuso! “Futhi ngaMoya munye sibhaphathizelwe kulowoMbuso.” NgaMoya munye, sonke, kuloMbuso! UJesu wathi, “Khulekani, ‘UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengoba yenziwa naseZulwini.” Manje, Wama ngolunye usuku phambi kweNtaba yokuPhenduka esinye isimo, Wathi, “Ngiqinisile Ngithi kini, ukuthi abanye bami lapha, abangayikukuzwa ukufa, baze babone uMbuso ufika ngamandla.” Kwabikezelwa, njengoba sedlule kukho, iNtaba yokuPhenduka esinye isimo. NeBhayibheli lathi, “UMbuso kaNkulunkulu uphakathi kini.” Ngakho, lona ngabantu boMbuso ozisho ukuthi leli akusilo ikhaya labo. Leli akusilo ikhaya lethu. Sibheke ukuFika kweNkosi, imise uMbuso.

²⁰ Ngabizelwa odabeni oluphuthumayo, lo—lomfowethu omdala obefana nobabayi kimi. Futhi u...Angimazanga isikhathi eside kakhulu, kodwa ngiyakukhumbula usuku engamngenisa ngalo lapha lombhaphathizo wamanzi. Nendoda masinya izoba neminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye ubudala. Nomkayo othandekayo wangibiza, futhi engumhlengikazi, wathi, “Ubenokuma nqi kwenhliziyoyi.” Ngaphandle kwalokho, ubene...O, ngibiza...angikwazi ukubiza igama. Ukuhlaselwa inhliziyo. [Udade uthi, “Coronary.”—Umhl.] Ukuhlaselwa inhliziyo kokuvaleka kwegazi. Ngiyabonga. Ukuhlaselwa inhliziyo kokuvakela kwegazi, nokumelwa inhliziyo ngqi. Udokotela akaniki mathemba, nhlobo. Nendoda yayifa futhi, futhi yangibiza.

²¹ Ngase ngingena eFordweni yami encane endadlana, ngase ngiqala ukwenyuka ngomgwaqo ngiya eOhio, ngokukhulu ukushesha engangingakwenza. Futhi ngangingazi, elinye lamasondo ami lingekho emgqeni, yahlephula ithayi yalikhhipha

kuyo. Futhi ngakho manje-ke ngi...ngenyukela lapho. Ngiphuma egaraji likaphetroli, cishe ngeleshumi nanye nqo. Ngangikhathazekile ngayo. Ngi—ngiyayithanda. Futhi ngiyazi, uma—uma kuqhubekela phambili, iNkosi ilibala, ngani, masinya kakhulu noma kamuva, kuzodingeka sidelane.

²² Kodwa, lokho ngeke kwalulimaza uHlwitho, manje. Niyabo? Qhabo. Bafika kuqala, ngaleyonkathi. Labo benenhlanhla, osewashona. Bafika kuqala. Niyabo? Niyabo? “Thina esisaphila futhi esisasele, kuze kube sekuFikeni kweNkosi, asiyikubavimbela noma sibandulele labo abaleleyo. Icilongo likaNkulunkulu liyakukhala; abafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala. Khona-ke lapho amehlo ethu ebona abathandiweyo bethu, khona-ke siyakuguqulwa, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi sikanye nabo siyakuhlwithwa kanyekanye.” Niyabo? Labo ohamba kuqala banenhlanhla ngaphezu kwalaba abaphilayo.

²³ Lapho ngiphuma egaraji, ngeleshumi nanye nje nqo, uMoya oNgcwele wathi kimi, “Ungathazeki ngayo. Uzoyixhawula, esitalandini futhi, futhi izoza esontweni,” indoda eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye ubudala, ifa.

Ngenkathi ngibonana nomkayo nabathandekayo bayo esibhedlela eLima, bangitshela ngesimo sayo. Ngangena, ngayibuka phakathi lapho. Wathi, “Kodwa iyinto exakile.” Wathi, “I—iqale ukushitsha ibengecono, ngeleshumi nanye nqo.” Awu, futhi bengiylo...iNkosi yayibakhombisile lababantu izinto eziningi kakhulu, bayazi nje ukuthi angikushongo lokho. Ngoba, bakusho kimi kuqala, “Iqale ukushitsha.” Babazi ukuthi ngangizobatshela iqiniso.

²⁴ Ngakho, ngeSonto eledlule, njengoba ngangiyongena eBlue Boar Cafeteria eLouisville, lapho engicabanga khona ukuthi cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili alelibandla abuthana ngeSonto ntambama, ukuba adle, ubani engambona eza ehla ngesitalandi na? Ngiyanitshela, inhliziyoyami yavevezela ngenkathi ngibona owethu uMfowethu Dauch eza ehla ngesitaladi, khona impela Angitshela khona. Ngamxhawula, e—esitaladini.

²⁵ Manje-ke ngi—ngibuyela lapha okwangeSonto eledlule ebusuku ngase ngikhuluma ngendaba yokuhlangana, ethi *Ukuhlangana KweSibonakaliso seSikhathi*. Ngakho... Kwase kuthi-ke lokho kwafezekisa, lokho Akusho nje. Futhi nangu uhlezi ebandleni namhlanje, khona lapho ngakithi, njengomklomelo womusa kaNkulunkulu. Ngenkathi eqhaqhazela isandla sakhe phansi kwethende, ithende leoksiyini ephansi kwalo, ngathi, “Mfowethu Dauch, uzoba kahle. Ngizokubona ebandleni futhi. Lowo, ngu ISHO KANJE INKOSI.” Niyabo? Nangu uhlezi ebandleni, khona lapha manje, Mfowethu Dauch.

²⁶ Uma ngingaphosisi, umfundisi ebengikhuluma ngaye, emizuzwaneni embalwa edlule, uMoya oNgcwele wangena futhi wembula zonke lezizinto; wamtshela ukuthi kwenzeka kanjani, futhi wamtshela akwenzile; ukuthi kwenzeka kanjani, ukuthi kufezeka kanjani, konke obekwenzeka kusukela ngaleyonkathi, kuze kube ngisho sesimilweni somndeni wakhe, nakho konke lokho. Futhi wamtshela, ukuthi, “Sekuphelile.” Nomfundisi uhlezi khona ngapho, ngakwesokudla. Ungasiphakamisa nje isandla sakho, mnumzane na? Lapho, yena nomkakhe, impela, njengamanje.

Nangu ehlezi uMfowethu Dauch, khona lapha ngqo manje. O, he!

²⁷ AKamangalisi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Lezozinto eyayikhona, ekhona, neyakufezeka.” Oyedwa, ababili, ofakazi abathathu. “Izinto eyayikhona, okwenzile; izinto eyenzekayo manje; nezinto eziyofezeka.” Futhi ngaso sonke isikhathi, impela, impela phezu kweZwi. Lowo kuphela nguNkulunkulu ongenza lokho. O! Asithokozile yini kakhulu ngalezizinto na? [“Amen.”]

²⁸ Manje, isizathu bengithatha nje isikhathi esithe xaxa kancanyana, uBilly udingeke ukuba ahambe alande inkosikazi yakhe nengane. Futhi uthe, “Babayi, ungaqali ukushumayela ngize ngibuye.” Ngakho, ngi—ngicabanga ukuthi usebuyile manje. Futhi ngifanele ngibe nalesosikhathi esingako, empeleni. Futhi ngizama ukusuka kulamahora amane obunzima enginibeka nonke ngaphansi kwawo lapha, futhi ngikwenze kube ngamashumi amathathu nanhlanu, imizuzu engamashumi amane, niyabo, futhi ngizama ukukugcina.

²⁹ Manje, nganconywa ngesinye isikhathi eChicago. Ngakwenza kwaba ngumzuzu ongamashumi amathathu, noma into ethize, imizuzu engamashumi amathathu nanhlanu. Futhi ngeSonto eledlule ebusuku kwaba yimizuzu engamashumi amane nanhlanu kuphela. UBilly wathi, “Usuncono ngempela, babayi. Ngithi ukuba nokuziqhenya ngawe, ngalokho.”

³⁰ Awu, mhlawumbe, kulokhu ukusa, ukukwenza kube uhlobo lukaSonto sikole oluncane, angizukunihlalisa isikhathi eside kakhulu. Khona-ke ningaphuma bese nibe nelantshi yenu, futhi nikhuleke, bese nibuya kulobubusuku ngezinkonzo zokuphilisa. Sizokwenza umugqa womkhuleko kulobubusuku futhi sikhulekele abagulayo.

³¹ Manje, uma bekhona abantu enibaziyo ngapha, nomaphi, ogulayo futhi efuna ukukhulekelwa, baletheni lapha kulobubusuku. Niyabo? Uma nizodingeka nibalethe, noma ngayiphi indlela, nibalethe lapha. Niyabo? Leyo yinto enkulu, ngukuthi, Nibalethe lapha kulobubusuku. Sonke sihlangu ndawonye. Leyondlela... Kulukhuni ukushaya izincingo, uya ezindaweni ngezindawo; khona-ke ushiya omunye umuntu,

futhi kunomuzwa olukhuni. Kodwa uma ngingabathola bonke besendaweni eyodwa, khona-ke ngingabakhulekela. Manje, uma nizo...Uma abantu efuna ukukhulekelwa, ba...Uthi, “Bazofuna na?” O, impela. Bazokhulekelwa. Bangeniseni. INkosi ithanda, sizobalapha, sikhulekele wonke umuntu. Isizathu, ngiyezwa ukuthi lowomdonso wesithathu uqala ukunyakaza, niyabo, ne—phakathi kwami. Futhi ngi—ngi—ngifuna ukukhulekela wonke umuntu.

³² Manje asiphenye, kulokhu ukusa eMbalweni omdala ojwayelekile lapho engithe ukucosha khona ngokujaha izolo ebusuku, ngozela ngempela, futhi ngabhala imiBhalo eminye futhi embalwa ihambisane nawo. Futhi ngithatha okuthi ukuncomeka. Ngezwa omunye umfowethu, kanye, esebenzisa lendikimba. Futhi ngacabanga...ngakubhala phansi. Ngacabanga, “Awu, ngikhohwa ukuthi ngizobhala lokho phansi, ngoba kungahle kungene kusize.”

Izikhathi ezininginingi siyakwenza lokho. Ngiyaqaphela, abanengi benu lapha, babenesiqephu sephepha. Nomfundisi angasho okuthize, bese-ke uyo—uyozithela kulelophuzu, into ethize iyoshayeka phakathi kwakho. Bese kuthi-ke uma uMoya oNgcwele wenza lokho, khona-ke uyoqala ukwakhela kulelophuzu impela khona lapho, umlayezo weNkosi. Futhi kulungile. Ngiquaphelile emihlanganweni, noma yikuphi lapho oya khona, abashumayeli nje nabantu babhala phansi. Lokho kulungile. Si—silapha, ilokho esikuzele lapha, ngukuzama ukusizana ngakulemigwaqo.

³³ Futhi manje asiphenye eSambulweni, isahluko se 3, eminyakeni yebandla, siphinda unyaka webandla. Kodwa manje si...si...lapho. Ya. Bengingathatha lendikimba eyodwa, futhi ngoMoya oNgcwele, ngishumayeke ngaKho iminyaka eyikhulu futhi ngingakukhiphi neze okukuKho. Ngoba, kulendikimba eyodwa ngapha, njengazozonke ezinye izindikimba zeBhayibheli, konke Kuboshelwe ndawonye.

Futhi ngifuna ukuthatha indaba yami, kulokhu ukusa, yalokhu: *Nginganqoba Kanjani?* Manje, ngikhethe lokhu ngoba ngicabanga ukuthi yisikhathi sokuthi asifanele neze sivumele uMoya wemvuselelo ufe. Sifanele sigcine sisemvuselelweni, njalonjalo sivuselelwa, nsuku zonke. UPawulu wathi weyedingeka “afe nsuku zonke, ukuze uKristu aphile.” Futhi asifanele neze sivumele leyomvuselelo ife, ngaphakathi kwethu.

Manje, iSambulo, isahluko se 3, futhi siqala ngevesi la 21, sifunda lokhu.

Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokho nami... ukunqoba, ngahlala noBaba wami esihlalweni sakhe sobukhosi.

Onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

³⁴ Nikuqaphelile u—ukulandelana kwalokho na? Niyabo? “Wahlala naMi *phakathi* esihlalweni saMi sobukhosi,” hhayi “*phezu* kwesihlalo saMi sobukhosi.” “*Phakathi* esihlalweni saMi sobukhosi,” lokho kuphakathi endaweni yaKhe yokubusa. Niyabo? Futhi lapho, njengoba—njengoba uKristu enguMbusi, uMbusi wesihlalo sobukhosi ngalesisikhathi, sendawo yokubusa ephelele kaNkulunkulu, kanjalo neBandla liyoba naYe, uMlobokazi abe naYe, phakathi esihlalweni saKhe sobukhosi, kuyoyonke indawo ebuswayo. Niyabo? Hhayi “*phezu* kwesihlalo saMi sobukhosi,” kodwa “*phakathi* esihlalweni saMi sobukhosi,” niyabo, lapho indawo yaKhe ebuswayo ifinyelela khona. Isihlalo sobukhosi siphezu kwendawo ebuswayo, ne—nendawo ebuswayo ifinyelela njengoba nje imincele yayo wenza. Futhi lokhu kusuka ePhakadeni kuya ePhakadeni. Kucabangeni nje!

³⁵ Manje, njengoba sitadisha lokhu, inhloso yami yalokhu nje akusikho ukuza lapha ukuba—ukuba ngihlanganye nani bantu. Okungukuthi, ngiyathanda ukwenza lokho. Kodwa ukuba—ukuba benginethuba lokwenza lokho, bengiyoza ekhaya lakho, futhi ngikuxhawule futhi ngixoxe nawe, futhi ngihlale phansi, ngidle idina nawe; futhi ngihlale phansi, ngaphansi kwesihlahla esinomthunzi, futhi ngixoxe futhi ngihlanganye isikhashana.

Kodwa uma siza lapha, silapha ngenhloso eqondene ngqo eyodwa. Lena yindlu yokuqondiswa. Lesi isihlalo sobukhosi. Lesi isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, nokwahlulela kuphuma kusuka endlini kaNkulunkulu. Futhi ilapha esibuthana khona, sibuthana othandweni, nomunye nomunye, njengoba kuphela amaKristu engathanda. Kodwa, phakathi lapha, si—siphansi ko—ko—ko—kobuholi bukaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele uphakathi kwethu. Futhi silapha ukuba sibe... ukuthatha ukulinganisa phakathi kwethu, ukubona ukuthi izindawo zethu ezishodayo zikuphi, iphutha lethu, nokuthi singabamba kanjani lapho ebefanele sibekhona, ukuya ngale lapho ebefanele sibekhona manje; lapho esikhona, nokuthi besifanele sibekuphi. Futhi ilokho esikutadishayo. Abefundisi batadisha lezozindawo, benzela abantu babo. Uma bebona abantu, ukusilela, khona-ke baqala kulokho.

³⁶ Manje, masinya, ngicabanga ukuthi ibandla mhlawumbe belifanele ngabe lithatha nje isinyathelo esincane esithe ukuphakama ngalesisikhathi. Angihlosile ngokukwenza kulokhu ukusa, kokukhombisa lezizinto. Kodwa ngi—ngicabanga ukuthi, kafushane, iNkosi ithanda, ngaphambi kokuba sishumayele ngalawomaCilongo, ngifuna uku—uku—ukuletha iBandla into ethize nje e—enifanele niyazi, ngiyakholwa, manje.

³⁷ Futhi manje sikhuluma ngalokhu, “ukunqoba.” Igama *nqoba*, kusobala, niyazi ukuthi lichaza ukuthini. Uzofanele ube nento ethize ozoyinqoba. Nalonyaka webandla uMoya oNgcwele obukhuluma ngawo lapha, oNyakeni weBandla waseLawodikeya, njengoba sisanda kuwuqeda nje, lalidinga ukusolwa. ILawodikeya yadingeka ukuba isolwe, ngenxa yokwayo—ukwehluka kwayo ngakuKristu. Yayikhiphele uKristu ngaphandle, o—onyakeni wabo. NoKristu wayengaphandle, ezama ukubuyela emuva angene ngaphakathi. Lolo wuthando. Emva kokuba Wayekade ekhishelwe ngaphandle endlini yaKhe uQobo, wayezama ukubuya angene, futhi wathi, “Oyovula umnyango, Ngiyongena kuye.” Niyabo? Ibandla, qobo lwalo, kukho konke, laliMkhiphile.

³⁸ Kodwa manje qaphelani. Ukubiza kwakhe lapha akusikho nje ebandleni. “Onqobayo.” Niyabo? Hhayi ibandla; lokho bekungaba yilo, niyabo, umzimba webandla. Kodwa yi “lowo onqobayo,” umuntu ngamunye oyonqoba, manje.

³⁹ NeLawodiyeka yayisinakho kuza kuyo. Manje siyabona, manje-ke, sazi ukuthi lona nguNyaka waseLawodikeya, futhi sazi ukuthi lonyaka udinga ukusolwa okuhlabayo okuvela kuNkulunkulu. Udinga ukusolwa okuhlabayo. Futhi uma abefundisi bethu basesontweni ethamba kakhulu futhi etotosana, njengomkhulu othile osegugile kubazukulu bakhe, noma ngabe yini abayenzayo iphelele. Futhi ba . . .

⁴⁰ Kushiwo kakhulu kakhulu, ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu omuhle kabi, baze bazama ukwenza uNkulunkulu umkhulu omkhulu nje ototosanayo. Niyabo? Kodwa Akasuye. UnguBaba, noBaba wokulunga, wokuqondisa. Futhi uthando njalo luyaqondisa. Niyabo? Uthando luyaqondisa. Akunandaba ukuthi lulimazana kabi kanjani, lusalokhu luqondisa.

Umama wangempela uyobaqondisa abantwana bakhe. Ubabayi wangempela uyoqondisa. Niyabo? Uma nje uthamba futhi utotosana, futhi uvumele ku . . .

⁴¹ Ngangingqamula ogodweni oludala ngolunyu’suku, ezansi o—olugugulekile, noma lokho okubizwa ngokuthi imbobo. Ngase ngigxumela phezu kwalolugodo. Ngaphandle, lwalubukeka luhle, lwalubukeka njengesigoga sesihlahla esikhulu esidala ibishi. Kodwa ngenkathi ngigxumela kulo, o, isihlephu esikhulu salo sahhovoka. Lwalubole ngempela futhi luthambile. Ngathi, “Yileyondlela amaKristu aba yiyo.” Kade efile esonweni naseziphambukweni, isikhathi eside, aseze abangabatotosayo. Bangebambe sisindo, nhlobo. A—abazi ukuthi ukunqoba kusho ukuthini. Futhi ngiqala ukucabanga ngalendikimba, ngalesosikhathi. Nqoba, gcina ukuPhila kuwe. Ngenkathi kuphuma ukuphila, ilokho okwaletha lologodo kulesosimo.

Niyabo? Futhi kwalenza laba lubi kunanininini ngenkathi lulele empambukweni lapho amanzi ayekhona.

⁴² Futhi manje-ke, lapho, uthatha umKristu, ofanele ukuba ngumKristu, dedela ukuPhila kukaNkulunkulu kuhambe kusuke kuye, nesehlakalo, injabulo yokukhonza uKristu; futhi, ehlala ebandleni lapho okunjalo kwenzeka khona, kubola kabili ngokushesha, kunjalo, ehlala ngqo ngaphansi.

⁴³ Ngakho, uma sizama ukulandela uMlayezo wehora, noma okungenani lengxenye yoMlayezo, sifanele siphile njalonzalo ekuPhileni kukaKristu. Niyabo? Isizathu, uma kungakwenzi, ulala ngakhona, futhi wazi loKho, lezizinto ofanele ukuzenza, futhi ungakwenzi. IBhayibheli lathi, “Lowo okwazi ukwenza okuhle, futhi engakwenzi, kuye kuyisono.” Khona-ke uba ngototosanayo, obolile, uma wehlukaniswe nokuPhila kukaNkulunkulu. Ngakho, yilwa ngakho konke okukuwe, ukuba uhlale ekuphileni kukaKristu, ukuba ube ngothela izithelo.

⁴⁴ Sibona lonyaka esiphila kuwo. Ungomunye weminyaka omuhle kakhulu kunayoyonke eminye iminyaka. LoNyaka weBandla laseLawodikeya ungomuhle kakhulu kunayoyonke iminyaka yebandla, ngoba ungukuphela kwesikhathi nokuhlangana phaqa kwePhakade. Futhi, manje-ke, ngunyaka wesono omkhulu kunayoyonke. Isono esiningi kulonyaka kunokuba sake sabakhona. Namandla kaSathane a—anzima kakhulu izikhathi eziningi ukulwa nawo kunoma ayenjalo kunoma yimuphi omunye unyaka. Niyabo? Lapha!

⁴⁵ Emuva lapho eminyakeni yasekuqaleni, umKristu wayenga, ngokuzisho kwakhe ukuba ibandla...ngokuba okaKristu, wayenganqunywa ikhanda ngenxa yakho. Wayengabulawa, futhi akhishwe ebuhlungwini bakhe, futhi ahambe ukuyohlangana noNkulunkulu, ngokushesha.

Kodwa manje isitha sesingenile, ngegama lebandla, futhi sidukisa kakhulu. Lona ngunyaka omkhulu wokudukisa. Ngenkathi, uKristu washo njalo, “Imimoya emibili iyosondelana kakhulu ngezinsuku zokugcina kuyoze kudukiswe nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka.” Niyabo? Niyabo? Niyabo? Khumbulani, uKristu wakhuluma ngabantu abakhethiwe ngosuku lokugcina. Niyabo? “Kwakuyodukiswa nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka.” Sondele kakhulu! Abantu baphile kakhulu, abantu bangaphila ehlanzekile, impilo engcwele; bangabi ngabonayo, iziphingi, neziphuzi, nabaqambi manga, abagembuli. Bangaphila ngaphuzi kwalokho, futhi bebesalokhu bengenaKho.

⁴⁶ Lona ngu—ngunyaka wokuPhila, ukuPhila okuqondene nomuntu kukaKristu, lapho, i—isithako semvelo soMzimba Wakhe, esasikuYe.

Okokuqala, phansi kokulungiswa, ngumbhaphathizo wamanzi. Okwesibili, phansi kokuZalwa okusha, kukaWesley, ukungcweliswa, okuhlazayo. Nokwesithathu, phansi kombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kufaka lesositsha esingcwelisiwe ekusebenzeni. Niyabo? Igama elithi *ngcwelisa* lichaza ukuthi, liyigama lesiGrecki eliyinhlanganisela elichaza ukuthi “kuhlaziwe kwase kubekwa eceleni kwenzelwa ukusetshenziswa,” kubekwe eceleni kwenzelwe ukusetshenziswa. Manje uMoya oNgcwele ukufaka ekusetshenzisweni. Niyabo?

⁴⁷ Futhi nizoqaphela, “Nxa umoya ongcilileyo esephumile kumuntu, udabula izindawo ezingugwadule.” Ilokho impela ibandla elikwenzile, amaBaptisti, amaMethodisti, labo abakholelwa ekungcwelisweni. “Manje-ke,” uJesu wathi, “umoya ongcilileyo owaphumayo, ubuyela kulomzimba webandla futhi ufumana idlu ihlotshisiwe, ishanyelisiwe, bephila ezimsulwa, izimpilo ezihlanzekile.” Kulungile. “Kodwa-ke uma leyondlu ingagcwalisiwe, kwahlalwa kuyo, khona-ke uyangena namanye amadimoni amabi ayisikhombisa amabi kunanoma wawunjalo, nesigaba sokugcina salendawo sibi ngokuphindwe kasikhombisa kunoma sasinjalo endaweni yokuqala.” Babengcono ukuhlala beyiLuthela, kunoma ebeyoba njalo uma emukela lokho kuKhanya futhi ehluleke ukuKulandela. Ayoba njalo namaPentecostal, niyabo, niyazi ukuthi ngingonde ukuthini, idlu ihlotshisiwe.

⁴⁸ Njengoba ngangikhuluma nomunye, ngolunye usuku, wathi, “Bacophelela kakhulu, ngisho namaningi amaqembu obungcwele, ukuba angakubizi ngokuthi isiThunzi esiNgcwele, ‘iSithunzi esiNgcwele,’ ngoba azibandakanya namaPentecostal uma enza lokho. Athi, ‘uMoya oNgcwele,’ niyabo, ebalekela ukuthi, ‘isiThunzi esiNgcwele.’” Ngoba, iPentecostal, abantu abajwayelekile, baWubiza ngalokho iBhayibheli elikushoyo, “IsiThunzi eseNgcwele.” Okungukuthi, uMoya oNgcwele nesiThunzi esiNgcwele yinto efanayo. Kodwa acophelela kakhulu ngakho. Awafuni ukuzibandakanya nalabobantu abakhuluma izilimi; nalowo nguMoya oNgcwele, Qobo lwawo. Niyabo?

Kwenzakalani-ke? Ngenkathi isitha, esaphuma ngaphansi kokungcweliswa, esagugulwa, sibuye emuva futhi sathola indlu ingagcwalisiwe ngomoya oNgcwele, manje umumo webandla uhlanganiswe ne-nenhlango yamabandla, noMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi umumo manje olihlanganisa nobuRoma obuKatolika nakho konke okwalo, futhi manje kubi ngokuphindwe kasikhombisa kunangenkathi kungena ebuLutheleni. Ilapho umuntu ekuthatha khona.

⁴⁹ Futhi manje-ke bukani uNyaka weBandla laseLawodikeya emva kokuba usumukele uMoya oNgcwele, nangolwazi noMoya kaNkulunkulu phakathi kwaWo, futhi manje-ke imisebenzi

kaNkulunkulu kuphikwa yiwo, futhi uWubiza “ngomsebenzi omubi.” Manje-ke kuthiwani ngalokho na? Yilapho uKristu ekhishelwa khona phandle kwebandla laKhe uQobo. Niyabo? U... Awuzange uMbonise ebandleni uze ufike kwiLawodikeya; futhi ngenkathi Efika eLawodikeya, Wayekade esekhishelwe ngaphandle kwebandla lakhe, ezama ukubuya angene.

⁵⁰ Manje, niyabo, ukulungisiswa akuzange kuMfake. Ukungcweliswa kwavele kwahlanza indawo yaKhe nje. Kodwa ngenkathi uMbaphathizo kaMoya oNgcwele ufika nje, uMfaka kubantu. Futhi manje baMxoshile, uma Eqala ukuziveza Yena uQobo, ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. BaMxosha ngoba bahlelile, futhi u—uMoya weNkosi awuvumelani nehlelo labo. Niyaqonda manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukuthi, baMkhiphile. “Asifuni lutho esizolwenza ngokufunda kwakhe umqondo. Ku—kungokukadeveli. Kungukubhula. Noma...” Niyabo?

Abaqondi. “Amehlo, kepha ababoni; izindlebe, kepha abezwa.” Niyabo? UNkulunkulu uvula amehlo kuphela njengoba Ethanda. “Wenza lukhuni lowo Amenza lukhuni, Amfisayo, futhi—futhi—futhi Unikeza ukuPhila kulowo Afisa ukumnikeza.” Yilokho okwashiwo uMbalalo.

⁵¹ Manje, sibona lamahora esikuwo, lesisigaba, futhi siyabona ukuthi kwakuyini. NoMoya oNgcwele ukhuza unyaka oMkhiphile. Kodwa, kukho konke lokho, niqaphelile yini, “Onqobayo”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngisho kulowo wezwe, unyaka webandla omubi, “Yena onqobayo.”

⁵² Futhi sithola lapha ukuthi uNkulunkulu ubehlala njalo enabanqobi. Ubenabanqobi kuwowonke unyaka. Bekuhlala njalo, ngasonke isikhathi, kuwowonke unyaka obusemhlabeni, uNkulunkulu ubehlala njalo enothize Angabeka izandla zaKhe kuye, njengofakazi emhlabeni. Akakaze angabi naye ufakazi, nakuba kwezinye izikhathi eyedwa nje. Kodwa othize uyanqoba, manje, njengabangcwele bakudala.

⁵³ Futhi i—indoda ekahle kakhulu, isifundiswa, sasithi, emva kwe*ZiMpawu eziyiSikhombisa*, sathi, “Mfowethu Branham, wena ungo—ngofanekisayo, umfanekisi, njalo,” sathi, “uyoke ulibeke kanjani emhlabeni leloBandla oHlwithweni ngaphandle kwesikhathi sokuHlushwa, ekufanekiseni na?” Sathi...

Niyabo, uma kuyisifanekiso, kufanele kube ne... kufanele... Uma kukhona okuyikho ngempela, kufanele kubekhona okuyisifanekiso kwalokho okuyikho ngempela okuvela kukho. Nayoyonke into engiyishoyo, lelo iqiniso, inesifanekiso. Inesifanekiso. Unesithunzi. NeBhayibheli lathi, “Izinto ezindala zaziysithunzi sezinto ezintsha ezizayo.”

Sathi, “Kodwa manje uthathe iTestamente eliDala njengesithunzi. Manje,” sathi, “uzokwenzani ngaleliBandla na?”

54 Futhi lendoda ivela e... Indoda enkulu, uthisha omkhulu ongumngani wami wesifuba, indoda elunge kakhulu, futhi ungumfowethu othandekayo. Ngi—ngingelokothe ngisho izwi elilodwa ngokuphikisana nomfowethu. Bengingeke, noma kanjani. Nje—njengo... NjengomKristu, bengingeke ngisho lutho ukuphikisana naye. A—a—akavumelani nami kuleyondaba eyodwa, kodwa u—ungumfowethu oyigugu. Sidla ndawonye. Futhi, o, ungumfo oyiqhathanzipho nje. Ngithatha iphephabhuku lakhe, ngifunde izihloko zakhe. Futhi ubhala ezinye zezami, nokunye nokunye. Futhi ngithathe izindikimba eziningi kulezo e—engizifunde—engizifunde ezihlokweni zakhe, ngimuzwe esho. Uyindoda enkulu, kodwa a—angeke avumelane nami. Ngiyakuthakasela lokho, okobuqotho bakhe. Nakuba nje enga, engomunye walaba abanqontshwa kalula, nje uzofanele avumelane nakho konke okushoyo. Unenkolelo engeyakhe uqobo, futhi uyakumela. Ngiyakuthakasela lokho. Futhi uyindoda elunge kakhulu. O, a—angisuye umfundisi noma isifundiswa esikhulu, nhlobo, kodwa lendoda iyikho kokubili uthisha nesifundiswa esikhulu.

55 Kodwa a—angeke ngavumelana naye, ngoba angikuboni. Kodwa, akuqondene nensindiso, kodwa kuqondene nokuFika kweNkosi. Uyakubona ukuthi iBandla lizofanele lidlule esikhathini sokuHlupheka, okokuhlanzwa. Ngithi iGazi likaJesu Kristu laHlanza ibandla. Niyabo? Alidingi... .

Ngiyakholwa ukuthi ibandla lidlula esikhathini sokuHlupheka, ibandla lenhlangano, kodwa uMlobokazi akedluli. Ubungakhetha owesifazane obuyodingeka umhlanze ngaphambi kokuba umshade na? Niyabo? UMlobokazi kaKristu uqokiwe, futhi UKhethiwe. Futhi UnguMlobokazi kaNkulunkulu, uMlobokazi kaJesu Kristu.

56 Futhi manje wathi, “Uzokufanekisa kanjani lokho, uma uMlobokazi eqhubeka, enyuke ngaphambi kokuba Ahambe adlule esikhathini sokuHlupheka na?” Wathi, “NginoMbhala okukhombisayo ukuthi iBandla lisesikhathini sokuHlupheka.”

Ngathi, “Nje funda uPhawu lweSithupha, ilokho kuphela, lilapho ngqo ngaphansi kwesikhathi sokuHlupheka. Kodwa thola, ngaphambi kwalokho nje, uMlobokazi usehambile. Niyabo? UseNkazimulweni ngalesosikhathi. Akanakuhlanzwa.” Niyabo?

“Okholwa yiMi unokuPhila okungunaphakade, futhi akayikuya ekulahlweni noma ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” UKristu wanikeza isithembiso ukuthi asiyikuma ngisho nasekwaHlulelweni. Ngakho Wathatha indawo yami ngesihle, sengize ngikhululeke ngokoqobo. Uma ngixolelwe, ngixolelwe. Engangikhipha kanjani esitolo obambisa kuso ngempahla, nginerisidi ecacile, uma... . Angaba kanjani nguMhlengi wami, futhi angikhiphe esitolo obambisa

kuso ngempahla, nothenga athengisele abanye abe esalokhu ethi ngingowakhe na? Nginerisidi ebhaliwe, amen, niyabo, yabhalwa ngeGazi likaJesu Kristu. Niyabo? Manje, kulokho, nakhu lapha esiza khona.

Wathi, “Manje, ungathola kanjani, wehlukanise lowoMlobokazi okhethiweyo okhuluma ngawo manje, uzokufaka kanjani loKho phansi kwesifanekiso na?”

⁵⁷ Ngathi, “Kuhle kakhulu.” Ngathi, “Nakhu. Manje, kuMathewu, isahluko sa 27 nevesi la 51.” Uma si . . .

Ake ngikufunde nje, futhi manje-ke si—sinakho kahle. Manje-ke siyathola ukuthi ngabe kwakufanekisela noma qha, noma ngabe uMlobokazi okhethiwe yini. UMathewu, isahluko sa 27 ne—nevesi la 51. Kulungile. Sifunda lokhu, ekubethelweni kweNkosi yethu.

Futhi, bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili kusukela phezulu kuze kufike phansi; . . .

⁵⁸ Manje, lowo kwakungumthetho. Umthetho waphelala khona lapho. Ngoba, isihenqo sasivimbela ibandla ezimpahleni ezingcwele zikaNkulunkulu. Ngumpristi ongcotshiwe kuphela owayengena phakathi lapho, futhi, lokho, kanye nongyaka. Niyakhumbula na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, uNkulunkulu, ngezandla zaKhe uQobo, qaphelani, “kusukela phezulu kuze kufike phansi,” hhayi kusukela phansi kuze kufike phezulu. Kungamafidi angamashuni amane ukuphakama. Qaphelani, hhayi kusukela phansi kuze kufike phezulu, kodwa “kusukela phezulu kuze kufike phansi,” kwakukhombisa ukuthi kwenziwa nguNkulunkulu. Kwadabula isihenqo kabili, futhi manje-ke, noma ubani, othandayo, angeza futhi ahlanganyele ebungcweleni baKhe. Niyabo? Kulungile.

. . .kusukela phezulu kuze kufike phansi; umhlaba wamazama, namadwala aqhekezeka;

Amathuna avuleka; imizimba eminingi yabangcwele ababelele yavuka,

Baphuma emathuneni emva kokuvuka kwakhe, . . . bangena emzini ongcwele, babonakala kwabaningi.

⁵⁹ Nango lowo oKhethiweyo, lowo Mlobokazi. Akusiwo onke ibandla lamaJuda aphuma ngalesosikhathi. Onke enza umhlatshele ofanayo. Onke laliphansi kwegazi elichithekile lewundlu. Kodwa kwakukhona iQembu elikhethiweyo; naleloQembu elikhethiweyo, kwathi nje kungafika isehlakalo, ayekholelwa ngempela kuLo ngobuqotho. Manje ngiza egameni *lokunqoba*. Manje kubambeni lokho. Lawa ayenqobe ngempela, ngobuqotho enza umnikelo ofanayo owenziwa yiwo wonke amanye, kodwa, ngobuqotho, anqoba izinto zezwe. Ngenkathi ukuhlawulela kwenzelwa bona ngokufaneleyo, ayese paradisi kwaze kwaba ilokho kubetha ngalesosikhathi. Ngenkathi

lesosikhathi senziwa, ayenqobile futhi ayephumulile, elele; niyabo, “imizimba eminingi yalabo ababelele othulini,” niyabo, belele.

⁶⁰ Manje, ukuba besinesikhathi, besingabuyela kuDanyeli, ngenkathi, uDanyeli, lowo okhethiweyo owayenqobile. Wayesethi, “Vala iNcwadi, Danyeli, ngokuba uyakuphumula esabelweni sakho. Kodwa ngenkathi iNkosana iyofika, eyomela abantu, wena uyakuma kulesosabelo.” Nasi. UDanyeli, lomprofethi kaNkulunkulu, wabona isikhathi sokuphela siza. WaYesethi, “Danyeli, uyoma esabelweni sakho ngalolosuku.” Futhi nangu wayelapha, uyaphuma; akusiye wonke uIsrayeli, kodwa uhlobo loMlobokazi wakwaIsrayeli. Manje, wonke omunye uIsrayeli akaphumi kuze kube ngukuvuka kwabantu bonke.

⁶¹ Futhi manje, ekuFikeni kweNkosi uJesu, labo abakuthanda ngempela ukuFika kwaKhe, ophilela khona; lapho Ebonakala esibhakabhakeni, iBandla elifele kuKristu liyovuka, nalabo bayogquqlwa ngesikhashanyana. Abasele babo abayikwazi lutho ngakho. Khumbulani, “Babonakala kulabo abasemzini.” Niyabo? U—u—uHlwitho luyoba kanjalo. Siyobonana, futhi siyobabona. Abasele bezwe abayikubabona. Liyohlwithwa njengokuhamba okuyimfihlo. Silindele lesosikhathi!

Bese-ke bebuyela emuva emhlabeni benzele lesosikhathi semiNyaka eyinkulungwane ejabulisayo, ngaleyonkathi iminyaka eyinkulungwane. . . “Abaselele babafileyo kabangaphila iminyaka eyinkulungwane.”

⁶² Bese kuthi-ke kuphume ukuvuka kwabantu bonke, lapho, wonke uIsrayeli. Kanye futhi, bukani lapho, abapostoli abayishumi nambili, okhokho abayishumi nambili, bonke bamelelwe. Futhi asikafiki neze kulokho okwamanje. Mhlawumbe, iNkosi ithanda, sizofika kukho eTestamenteni, ukuthi zikanjani lezozindonga zejasp, namatshe ayishumi nambili, amasango ayishumi nambili, izisekelo eziyishumi nambili, konke okwalokho kumelelwe. Nampa basezihlalweni zobukhosi eziyishumi nambili, izithunywa eziyizingelosi zangalezozinsuku, ukukhipha isigwebo phezu kwalabo abawenqaba umlayezo wabo. Amen. Nakho kufika lelohora elikhulu. Ya.

⁶³ Usuku olunje, isikhathi esinje esiphila kuso! Ukuthi sifanele sihlole, iBandla. Manje sikhuluma ngalezizinto ziza, ezizoza. Manje, namhlanje, asibuyele emuva lapha futhi sibuke, sizihlole futhi sibone ukuthi sisekuKholweni ngqo.

⁶⁴ Manje asikhulume ngabanqobi abambalwa okwemizuzu embalwa, ngezinsuku zesikhathi sikaNowa, owafanekiswa uJesu Kristu, okufana nenamhlanje.

Ngifanele ngibe nemizuzu eyishumi. Manje ngizoba uhhafu wehora. Sengiqala nje, ikhasi lokuqala. Ngizokweqa ambalwa awo, uma ngingakwenza. Futhi ngithole ini . . .

⁶⁵ Ngesikhathi sikaNowa, isifanekiso sanamhlanje: uJesu wabhekisela kuso, futhi wathi, “Njengoba kwakunjalo esikhathini sikaNowa, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu. Esikhathini sikaNowa, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Qaphelani, bonke babeyilelozwe langaphambi kokuba umhlaba ubhubhe, mhlampe ngezigidzi zabantu, kwakunabanqobi abayisishiyagalombili. Abantu abayisishiyagalombili bayanqoba, lowo kwakungowoqobo, abanqobi bangoqobo. Kwakukhona amadodana kaNowa amathathu namakhosikazi awo, noNowa nomkakhe. Abayisishiyagalombili bayanqoba, abangena emkhunjini ngesikhathi esifanele. Bakwenza kanjani na? Balalela iZwi likaNkulunkulu. Abafunyanangwa ngaphandle komnyango. Bafunyanwa ngaphakathi komnyango.

⁶⁶ O, bangani bami abathandekayo, ningavumeli lowomnyango uvakele. UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” (Ngiyabonga, mfowethu.) “Kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Manje, kukhona othize ozofunyanwa ngaphandle kwalowomnyango.

Abaningi babo kungahle ukuthi babenezinhloso ezinhle, futhi, “Ngelinye ilanga, uma izinto ezinjena zenzeka, siyongena noMfowethu uNowa, ngoba ungumfo omuhle.” Kodwa, niyabo, kwabamba nje ngaphakathi abayisishiyagalombili.

⁶⁷ Manje, cabangani kanzima manje. Uma ulele ngapho, uthola ukutotoswa, ngena. Phuthuma, shesha, ngoba umnyango ungahle uvalwe noma ngasiphi isikhathi.

⁶⁸ Futhi bekuhlala njalo kunomkhumbi emnothweni kaNkulunkulu. Kwakukhona umkhumbi ezinsukwini zikaNowa, ukusindiswa kwabantu baKhe. Kwakukhona umphongolo ezinsukwini zomthetho, umphongolo wobufakazi. Ezinsukwini zomthetho, balandela umphongolo.

Futhi kunesimiselo sesikhathi sesithathu manje; njengesikhathi sikaNowa, isikhathi sikaLoti, futhi manje lesisikhathi. Kukhona umphongolo manje. Futhi lowomphongolo awusilo ihlelo, kanjalo awusiyo imisebenzi emihle oyenzayo. Ku “ngaMoya munye,” kwabaseRoma 8:1, “sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni munye, endaweni ebuswayo yalowoMbuso, umbhaphathizo kaMoya owodwa.” Akunendaba ukuthi umuhle kanjani, ukuthi umubi kanjani, noma yini, ukulowoMbuso ngo—ngombhaphathizo kaMoya oNgwele. Niyabo? Yileyo ndlela kuphela onqoba ngayo. Yikho konke okungaphansi kweGazi elichithiwe ngabanqobi, ngoba

ungeke unqobe, wena qobo lwakho. NguYe okunqobelayo. Wena uphumule.

⁶⁹ “Ngizokwazi kanjani-ke, Mfowethu Branham, ukuthi ngiphakathi laPho na?” Bhekisisisa ukuthi hlobo luni lwempilo oluphilayo. Qalaza nje. Buka nje uma kuphile kuwe, ngokuzenzekelayo. Noma, ufanele uzame futhi udonse, uyabo, khona-ke wenza khona. Kodwa ungazami ukukwenza. Sewake wazama na? Ya. Ungazami.

⁷⁰ Njengokufaka nje ingalo yengane encane embotsheni yomkhono, niyabo. Iphezulu nje, phansi, ngale, nakho konke okunye. Niyabo? Angeke ikwenze. “Gqoka ibhantshi lakho, sthandwa.” Angeke ikwenze. Ingalo encane iphezulu, phansi, ngale. Kuthatha isandla sakho esingatatazeli.

O, ngijabule kanjani, ngingavele nje nginikele isandla sami kuBaba, ngithi, “Nkosi Jesu, angeke ngangena phakathi Lapho. Ngisize. Ngigqokise ibhantshi.” Ngiyayeka ukuzama. Vumela Yena nje akwenze. Niyabo?

⁷¹ Uma ingane encane iqhubeka izama, “O, ngingakwenza. Ngingakwenza.” Futhi nje indawo zonke. Angeke ikwenze.

Kanjalo nawe ngeke, kanjalo nami ngeke, kodwa nje uma sizobamba sithule futhi siMvumele akwenze. Nikela kuYe nje, “Lapha, Nkosi, ngilapha. Nje—nje anginalutho. Ngi—ngiyanikela. Beka isandla sami endaweni ekahle.” Lokho ngukunqoba ngokwahlula. Lokho ngukunqoba.

⁷² Into efanele uyingqobe nguwena uqobo, umqondo wakho, into yakho, futhi uzinikele wena kuYe. Uyakunqobela. Uyayazi indlela; asiyazi.

⁷³ Kodwa ngesikhathi sikaNowa kwakunabanqobi abayisishiyagalombili, futhi yilokho okwangenayo. Bafunywana bengaphakathi.

Manje bukani, bangani. Ngikholwa bayakuteyipa lokhu. Futhi uma kukwitelevishini, noma hhayi itel-...ngiyaxolisa, iteyipu. Noma yini oyenzayo, olalele manje, noma oyolalela emva kwalokhu, ihora selidlule kakhulu, futhi unayo inhloso enhle, kodwa funyanwa ungapakathi. Manje, ungapabalazi. “Akuyi ngothandayo, noma ogijimayo, kodwa uNkulunkulu.” Vumela uNkulunkulu nje. Zinikele kuYe nje bese uhamba uyaphambili, nokuphelele, ukukholwa okwanelisekile, ukuthi, “Okuthenjiswa uNkulunkulu Unamandla okukwenza.” Hhayi ukujoyina ihlelo elilodwa, elinye ihlelo, ugijima *leli, lelo*, noma *elinye*, uzama *leli*. Zinikele kuNkulunkulu nje, bese uhamba naYe, ngokuthula, ukuthula, ungapazamiseki. Qhubeka uhambe naYe. Kunjalo.

⁷⁴ Ilokho engakutshela umfowethu owayesanda ku—kulahlekelwa ukuba nempilo. Niyabo? “Zinikele nje kuYe. Ulapha, Lo Okwazile okwenzile, nokubangele ubuwena futhi wenze ngalendlela, nakho konke lokho. Wazi konke ngawe, futhi

manje Usanda kukutshela nje emuva ukuthi yenzani. Manje,” Ngathi, “into nje kuphela ofanele uyenze ukuhamba nje uyenze. Lokho kungukuthi, khohlwa yikho konke ngosekwedlule, hamba, uphilela inkathi ezayo, eNkazimulweni naseBukhoneni bukaNkulunkulu.”

Abanqobi abayisishangalombili.

⁷⁵ INgezinsuku zangesikhathi sikaDanyeli, kwakunabanqobi abane ababekwazi ukumela ukuvivinywa komlilo nengonyama.

Manje, sibhekeke ukuba sivivinywe. Leso isifundo esihle so—somfowethu emuva lapho, naye. “Oza kuNkulunkulu kumele avivinywe kuqala.” Avivinywe (ini?) ngeZwi. Leso isivivinyo sikaNkulunkulu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—uMhl.] “Oza kuNkulunkulu umelwe ukuvivinywa.” Lokho kuphela kukhombisa umntwana wangeqiniso, khona-ke, niyabo, vivinywa. Futhi uma ukuvivinywa kufika... Ungeke wanqoba ngaphandle uma kukhona ukuvivinywa onikwa khona. Futhi uma kunikezwa isivivinyo, singesokubona ukuthi unganqoba yini noma qha. NoJesu wathi, “Kuye onqobayo,” ukuvivinywa. Ukuvivinywa kuyinto enkulu kunayoyonke eyake yenzeka kuwe. Ngikholwa ukuthi kulotshiwe eMbhaweni, uPetru washo, ukuthi, “Ukuvivinywa kwethu kubiza kakhulu kithi kunegolide eliligugu.” Isikhathi sokuvivinywa. Kungubufakazi obuhle obubodwa okubonakalayo kithi ukuthi uNkulunkulu unathi, uma sivivinywa, ngokuba bonke abantwana bakaNkulunkulu bayavivinywa futhi bahlolwe.

⁷⁶ NoDanyeli, indoda, umprofethi; uShadiraki; uMishaki; noAbedinego; uDanyeli wayengumprofethi; nalowo kwakungusayizi weBandla ngalolosuku, ngiqonde, uMlobokazi. Kunezinqwaba zebandla, cishe izigidi ezimbili zawo ezehlela lapho. Kodwa kwakukhona... Lowo kwakungusayizi womnqobi. Nalabo banqobi wafakwa ekuvivinyweni. Futhi wonke umnqobi kuzofanele afakwe ekuvivinyweni. Futhi ngenkathi bethi, “Hoxisa okushiwo yiZwi, noma kungenjalo uphonswe esithandweni somlilo,” benqaba noma yini ngaphandle kweZwi.

⁷⁷ Futhi ngenkathi uDanyeli enikwa isivivinyo, ukuthi wayefanele akuhoxise okwakushiwo yiZwi, ukuthi kwakufanele bencike babheke ngasethempelini, njengoba uSolomoni wakhuleka, futhi Wayeyobakhulula kuzozonke izinto. UNkulunkulu wayeyokuzwa eseZulwini ukuba babengabeka... babheke ngasethempelini futhi bakhuleke. Futhi bathi, “Uma noma yimuphi umuntu okhuleka phakathi kwalesisibalo salezizinsuku... Futhi thina singamaMedo-Peresiya, esingeguqule noma sichibiyele imithetho yethu. Lowomuntu uyophoswa emiphandwini wezingonyama.”

⁷⁸ Bamcupha. Ngikholwa ukuthi lowomprofethi wayekwazi lokho. Kodwa bamcupha. Wahamba ngokuzithoba. Ngenkathi

sekufika isikhathi sakhe sokuba akhuleke...Ngenkathi, wayazi, endaweni yasekhaya eJerusalema, kwakukhona umhlatshelelo ovuthayo ealtare. UDanyeli wayengezesabi lezozinhloli. Waphakamisa izisitho, washo wavula izivalo zamafasitela, wayeseguqa phansi ngamadolo akhe, washo waphakamisela izandla zakhe kuNkulunkulu wayesekhuleka. Ngani na? Aphile noma afe, wayenokunqoba kokwahlula. Futhi, ngakho-ke, ukunqoba kokwahlula okuningi kakhulu izingonyama zaze zangakwazi ukukudla. U—uyanqoba.

⁷⁹ I...uShadiraki, uMishaki, uAbedinego wayenokunqoba kokwahlula okuningi kakhulu kwaze kwathi izingonyama... kwaze kwathi umlilo wangakwazi ukubashisa. Niyazi, ukunqoba kokwahlula kuyinto elukhuni ukuyishisa, noma uyidle uyiqede, noma yini. Niyabo? Ngakho, bona, babenakho.

⁸⁰ Ngingahle ngibalule esinye isimilo. Ngezinsuku zikaLoti, uJesu wabhekisela kukho, kwakukhona abathathu kuphela abanqobayo, uLoti namadodakazi akhe amabili. Hhayi ngisho nomkakhe; akanqobanga. Wa—waqala waphuma. Uyisifanekiso. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi. Imizuzu engamashumi amathathu yami isiphelile khona manje. Niyabo? Niyabo? Yena, wenzekahle, washiya.

⁸¹ Manje ngifanele ngininike lokhu, umzuzwana nje. Abaningi benu ushiyile, naye. Abaningi benu bazishiyile lezizinto, ukuba uthathe isinqumo sakho sokuma, emva kokuba usuKuhlolisile eMbhalweni futhi wathola ukuthi Kuqinisele. Ukubonile ukuqinisekisa kukaNkulunkulu uSomandla; hhayi ngomunye, lokho umuntu mumbé *athi* kwakungukuqinisekisa. Lokho iBhayibheli elathi kuyoba yikho, futhi naKhu kuyakwenza. NiKubonile ukuthi kwakuyiQiniso. Ngakho, niqalile, ukushiya iSodoma, nishiye ihlelo, nishiye izinto ezinibophela esivumweni kholo; nokuthi nilandele uKristu, ngoMoya oNgewezi uziqinisekisa Wona uqobo ngeZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. Ngamanya'mazwi, nathatha iBhayibheli esikhundleni sesivumokholo. Niqalile, ukulandela.

⁸² Awu, umkaLoti wenza into efanayo, niyazi. Waqala, ukuba ahambe noLoti, alandele umyeni wakhe, abantwana bakhe, abathandekayo bakhe, kodwa kwaKungekho enhlizweni yakhe. Wayesalokhu ethanda izwe. Ngakho kunokwenzeka ukuthi ungaqala, futhi izwe lisalokhu likuwe. Uyabo? Akazange anqobe. Futhi ngisho nakuba wayekahle emqwaqeni, ekugcineni kwamketula. Wathatha lokhu okukodwa okukhulu, okude, ukubheka kokugcina. Nakho lapho abanjwa khona. Ningabheki ngisho nasemuva. Ningabi nazifiso. Qhubekani nihamba. Bekani ingqondo yenu eKalvari futhi qhubekani niya ngakuKristu. Niyabo?

⁸³ Waqala ukuphuma, njengomnqobi, kodwa akazange anqobe. O, washiya ihlelo. Wakwenza. Waphuma eSodoma,

noLoti. Kodwa wayefuna ukubuyela emuva futhi agunde izinwele zakhe. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Niyabo? Wadingeka abheke emuva. Akakwazanga nje ukukumela uku—ukuvivinywa. Wadingeka abheke emuva futhi, ukubona ukuthi abaseleyo wayenzani. “O, niyazi, nganginabanye abangani bami abahle ezansi lapho, empeleni. Futhi, empeleni, lona kungahle nje kube omncane—omncane umnyakazo. Angazi noma ubungaba ngoqinisileyo noma qha. Ngi—nginalelizwi lendoda kuphela ngakho, nakuba ingumyeni wami. Kodwa nokho. . .” Umelusi wakho ungumyeni wakho, ngokukhuluma ngokomoya, niyabo. “Manje, bekungaba ngokuqinisileyo noma qha, angazi. Mhlawumbe yena, isambulo sakhe besingaqinisile.”

Manje-ke, uma unganelisekile ngokupheleleyo, awazi ngokuphelele ukuthi KuyiZwi likaNkulunkulu, manje-ke—manje-ke ungeke wahamba. Uyabo? Ufanele uzinikele ngempela. Ufanele wazi. Hhayi uthi nje, “Awu, ngibona abanye bekwenza. Ngibona isibonakaliso.”

⁸⁴ Niyazi, uIsrayeli waqala ukuphuma, bengingasho into efanayo futhi ngiyingenise phakathi lapha. Baqala ukuphuma, izigidi ezimbili eziqinile, futhi kwaphetha ngamadoda amabili. Kunjalo. Babona imisebenzi kaNkulunkulu. Babona ukubonakaliswa kukaMoya. Babona ezinkulu, izimangaliso ezinamandla zenziwa lapho eGibhithe, nayoyonke into, futhi baqala ukuphuma. Kodwa kwa—kwakungekho enhliziyweni yabo. Abanqobanga. Bayaphuma nje. NoJesu wathi, “Futhi babhubha ehlane,” futhi bafe Phakade. “Bonke bafile,” lokho kuchaza ukuhlukana okuPhakade. Bonke babolela ehlane.

⁸⁵ Kodwa kwakunamadoda amabili, uJoshuwa noCalebi. Futhi ngenkathi kufika kwelamanqamu, izithiyo sasisikhulu kakhulu baze babukeka befana nezintethe ngasohlangothini lwabo. UJoshuwa wamemeza noCalebi, futhi bathi, “Sinamandla okukwenza.” Ngani na? “UNkulunkulu washo njalo.” Futhi babengabanqobi. Bayanqoba. Babeyibo owayenenhlanhla, kuyo yonke leyohlango enkulu yabantu, ukuthatha owangempela, uMlobokazi okhethiwe angene ezweni elithenjisiwe. UJoshuwa noCalebi emigqeni engaphambili phandle lapho, njengenduna ezimbili, zibahola zibehlisela ngqo emfuleni, futhi zawela umfula, zawelela ezweni elithenjisiwe. Ngani na? Zalikholwa iZwi, akunandaba ukuthi ini.

⁸⁶ Manje-ke, uDathani wavuka. UDathani, njalo, wavuka, futhi kanjalo noKora, futhi bazama ukuba bathi, “Lomuntu uzama ukuzenza abe phezu kwethu sonke; ungcewele kakhulu kunabo bonke.” Emva kokuba uNkulunkulu wayesemqinisekile umuntu. Bathi, “Sizoqala nje iqembu labantu futhi sizokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi sizokwenza izinhlangano zethu, sizokwenza. . .” Futhi bafa futhi babhubha.

Kodwa lawomadoda ayenaleloZwi leNkosi, futhi ahlala naLo, futhi awelela ngaphesheya.

“Akusuye oqalayo; ngoqedayo.” Abaningi baqala ukuncintisana, kodwa Munye okuqedayo. Kuyoba namaningi amabandla aqalayo, amaningi amaqembu abantu. Kuyoba neQembu elilodwa eliqedayo. Lowo ngabanqobi.

⁸⁷ Usuku lukaLoti, yebo, wadingeka abe nalokho okukhulu okukodwa, okude ukubheka emuva. “O, ngishiya uS**’bani-bani** ezansi lapho, lezozikhathi ezimnandi esasivame ukuba nazo. Angisoze ngasikhohlwa.” Futhi wabanjwa, wavalelwa ngaphandle, njengoba kwenzeka emihleni kaNowa. Wavalelwa ngaphandle, ngaphandle kwesihawu, futhi wabhubha. Nesi—sigaxa sisami lapho namhlanje. Bathi (angazi) ungaqhephula uphisi kuso futhi siyobuye sikhule, insika kasawoti. Uke wasibona lesosithombe sase**Sodoma neGomora**, uyoyibona insika kasawoti yasekuqaleni eyama lapho.

⁸⁸ Manje, kunomehluko phakathi kwensika kasawoti neNsika yoMlilo. Niyabo? Ufanele uphendukele endleleni eyodwa. Ya.

⁸⁹ Qaphelani, ngesikhathi sikaJohane umBhaphathizi. Ngesikhathi sikaJohane umBhaphathizi, kwafunyanwa abayisithupha ababengqobile. Yonke iminyaka, babekade bengabanqobi. Ngesikhathi sikaJohane babenabayisithupha, lowo kwakunguJosefa noMariya, uZakariya noElizabethhe, uSimeyoni noAnn. Owesilisa nowesifazane, owesilisa nowesifazane, owesilisa nowesifazane; niyabo, isifanekiso sikaKristu, iBandla; uKristu, iBandla; uKristu, iBandla; uKristu, iBandla. Niyabo? Niyabo?

⁹⁰ Qaphelani, kuqala kumuntu wemvelo. Qhabo, uMo... uJosefa, umuntu wemvelo, uJosefa, wayeyini na? Umbazi. Bese kuba ngumpristi, wayeyini, niyabo? Umfundisi endlini yeNkosi; uZakariya. Futhi kusukela kulokho, kuya kuSimeyoni, umprofethi nomprofethikazi. Niyabo?...?. Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Amen. Anikuboni na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngokuphelele. Kunqoba abayisithupha. Bonke abanye abaseleyo babo, banikela ngomhlatsshelo wabo nayo yonke into, kodwa laba babengabaKhethiweyo. Bayanqoba.

⁹¹ Qaphelani unyaka webandla ngamunye. Ukunqoba okufanayo ngenkathi be, indodana ngayinye onyakeni webandla ngamunye, inqoba ukulingwa kwalowonyaka. NginemiBhalo lapha. Angicabangi ukuthi ngempela sinesikhathi sokukwenza, kodwa siyawazi ngamunye waleyominyaka. Kuyafana manje. Kufana nomunye nje o . . .

⁹² Niyabo, njengoba ngishilo ekuqaleni, uzalwa wehluliwe. Nalokho kuzalwa akusoze kwakuletha e—ekuPhileni, ngoba uzalwa wehluliwe. Futhi usezweni elehluliwe, phakathi

kwabantu abehluliwe, phakathi kwezivumokholo ezehluliwe, amahlelo ehluliwe. Ufanele uze ekunqobeni ngenye indlela.

⁹³ Kufana nomnduze nje. Uphi u. . . Umnduze, ngiyacabanga, ungomunye wezimbalu ezinhle ukwedlula yonke ekhona. Ngiyithanda kabi leyo emikhulu iminduze ikala nomnduze wasesizibeni. Ngicabanga ukuthi cishe impela akukho lutho oluhle njengomnduze omkhulukazi wasesizibeni, ubize ngomnduze wasemanzini. Unjani umsebe wawo! Manje, uvelaphi na? Uyimbewu encane, phansi ekugcineni kwesinodaka, isiziba esinenkucunkucu. Naleyombewu encane, namanje, yonke imisebe eyoke ikhanye kuwo, ikuwo ngayo leyonkathi, ngenkathi ukulolodaka. Kodwa uzofanele ulwe, nsuku zonke, wazi ukuthi kunokuthize. Kumnyama. Ukungcola kwawo. Ukuba nenkucunkucu kwawo. Ukumincika kwawo. Kuleyominciminci ophila kuyo, nokho ucindezela indlela yawo wedlula odakeni, inkucunkucu, namanzi, nezindawo ezinamanzi amile, uze uveze ikhanda lawo ngaphezulu, ekukhanyeni, futhi uveze obekufihliwe ngaso sonke isikhathi.

⁹⁴ Ngicabanga ukuthi lowo ngumnqobi, ukuthi, wake waba sesonweni, wake wenza izinto ezingalungile, ungakhathazeki ngakho manje. Wake wenza izinto eyayingalungile, ngaleyonkathi, manje ubhekela emuva esizibeni futhi na? Niyabo? Bukani, une. . .

⁹⁵ UNkulunkulu, ngokumisela ngaphambili kwaKhe, niyabo, ulethe lembewu ekuphileni, futhi izicindezelela yona, niyabo, iza ekukhanyeni. Futhi manje, phezu kwakho konke lokho, unqobile. Niyabo? Awuzivezi phansi *lapho*. Uyakhuphuka, ukuba uziveze.

Kanjalo nawe awuzivezanga, esonweni sakho—sakho, nokuphinga, nayo yonke into owawuphila kuyo. Awuvezanga lutho. Kodwa kwakukhona imbewu phakathi lapho, futhi yathola ithuba lokuzicindezelela ekuKhanyeni. Futhi manje useBukhoneni bukaJesu Kristu, nokuKhanya kweNnodana. Kwaveza lokho ngempela owawuyikho ekuqaleni. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Wabona ukuKhanya. Waqhakaza. Weneka inhliziyu yakho wayivula, futhi manje usungumnduze.

⁹⁶ Niyayikhumbula intshumayelo yami ngomnduze na? UMfundisi ohloniphekile uMnduze, ukuthi ushikashikeka kanjani. “Futhi, nokho, awuphothi yini. Futhi nokho, uSolomoni, ebukhazikhazini bakhe bonke, akembathisile okomunye walena.” U—u—u—u—u. . . Mbukeni. Uselungele uku gi- . . . Awuzithatheli lutho olungolwawo uqobo. Umnduze awunandaba ngalutho ngawo. Wenzani na? U—usho wendlale ubuhle bawo, impilo yawo, ukuze abanye babone. Impilo yawo ivezwa ngaphandle, ukuze abanye babone inkazimulo, ekuwo, eyayikuwo kulolodaka. Manje usungaphezulu.

Lowo ngumnqobi. Unqoba udaka. Unqoba izinto zezwe. Futhi manje uzinikela wona ngesihle. Wonk'umuntu angawubuka. Impilo yawo, ungeke wabeka umunwe wakho phezu kwawo. Niyabo? Ungumnqobi ngempela. Ungeke washo lutho ngawo manje. Uthi, "Uphuma odakeni." Kodwa awukho odakeni manje. Ungaphezu kwalo. Amen. Ungeke manje wakhomba emuva kulokho owawuyikho. Oyikho manje? Usungaphezulu.

⁹⁷ Manje-ke inyosi iyafika bese ithi, "Lawo ngamakha ayisimanga. Ngikholwa ukuthi ngizohamba bese ngithola isimangaliso sami."

⁹⁸ Uvele nje uvule inhliziyu yawo, "Woza manje. Kulungile." Yonke into ithathwa kuwo. Niyabo? Wona, ungumelusi wangempela. Uveza iNkazimulo kaNkulunkulu. Futhi bukani lapho ovela khona. Wadingeka unqobe, ukuba wenze lokho.

⁹⁹ Ngesinye isikhathi, yena owesilisa noma yena owesifazane wayemusha futhi ebukeya, emuhle. Babenenqwaba yezilingo ukuba bedlule kuzo, kodwa bakunqoba lokho. Niyabo? Bayanqoba. Manje baveza ubuhle bangempela bukaKristu empilweni yabo. Qaphelani, beveza, bedlula odakeni.

¹⁰⁰ UJesu wasinika isibonelo, ukuthi kwenziwa kanjani. Manje sifuna ukwazi ukuthi kunqotshwa kanjani. UJesu wasitshela ukuthi kwenziwa kanjani. Niyabo? Ukuthobeka! Wazibopha Yena uqobo, wathatha ithawula, wayesegeza izinyawo zabafundi wayesezesula. Yena impela uNkulunkulu waseZulwini wathobeka Yena uqobo.

¹⁰¹ Asifuni ukuthotshiswa. Yingalesosizathu abesifazane bengafuni ukuba izinwele zabo zikhule (Niyabo?); isizathu bengafuni ukugqoka njengoba amanenekazi efanekile agqoke. Njengokuthi, abesilisa abakufuni, niyabo, kuyinto efanayo. Abafuni. Bona, bathola ukuthobeka.

Kodwa, uJesu, njalonjalo! Bukani ukuthi WayenguBani. Ubukhulu! Ngizosho into ethize. Ubukhulu buyazithobekisa. *Ubukhulu* buyazithoba. Ubukhulu!

¹⁰² Ngike ngaba nenhlanhla yokuthola, ngihlangana namadoda amakhulu. Futhi yilababafo abanokushintsha izingubo zokugqoka, nofifti sente ephaketheni labo, nokukhehleza, yilowomfo ocabanga ukuthi uwutho abe engelutho. Kodwa ngime ngasemadodeni amakhulu, ngiqonde amadoda amakhulu enemikhono emanikiniki, imiphetho yemikhono. Akwenza ucabange ukuthi ungumuntu omkhulu. Niyabo?

Ubukhulu bungukuthobeka. Ningakukhohlwa lokho, Bandle. Ubukhulu buvezwa ekuthobekeni, hhayi ukuthi ungaba kahle kanjani.

Angiqonde khona ukungcola, manje. Ngi-ngiqonde ukuzithoba emoyeni. Niyabo? Angiqonde khona nje uku—

kuphuma futhi ungaphindi uhlambe futhi uhlanze konke. Lokho, ufanele ukwenze lokho. Uyakwazi lokho. Uyabo?

Kodwa ngixoxa ngokuthobeka, ukuthobeka kwangoqobo, hhayi into yokuzenzisa. Into e, engukuthobeka kwangempela.

¹⁰³ UJesu wasitshela ukuthi kwenziwa kanjani. Uyanqoba. Kuchaza. . . *Ukunqoba* kuchaza ukuthi “ukumela ukuvivinywa,” kunjalo, njengoba kwenza bonke abangewe; njengoba kwenza uJesu: phakathi kwazo zonke izitha zaKhe, Wakumela ukuvivinywa. Yonk’into Avivinywa ngayo, Wayimela. Kubo impela ubuso bokugula, futhi Yena enguMesiya, Wabaphilisa. Ebusweni bokufa, Wakubuyisela ekuphileni. Ebusweni baseKalvari, ukufa kwaKhe uQobo, Wakwehlula ngokuzinikela Yena uqobo. Ngani na? NgeZwi. Wathi, “Bhidlizani leliThempeli, futhi Ngiyakulivusa ngezinsuku ezintathu.” IZwi lasho njalo. Niyabo? Futhi ebukhoneni bokufa, Wakwehlula. Unqoba ukufa. Ebukhoneni besihogo, Wehlula isihogo futhi unqoba isihogo. Yebo. Ebukhoneni bethuna, Unqoba ithuna. Ngani na? Konke ngeZwi, nokuthobeka. O, he! Nango uMuntu wangempela. Nango ongaMenza isibonelo sakho. Niyabo? Wehlula yonk’into, uyayinqoba.

¹⁰⁴ Bukani. Isilingo sasenzelwe Yena. Niyakwazi lokho na? IBhayibheli lathi, “Walingwa ngakho konke njengathi, nokho engenasono.” Walingwa ngo-ngokuphuza. Walingwa ngabesifazane. Walingwa ngayo yonke into okwakungalingwa ngayo. Walingwa ngayo yonke into esiyiyo. WayenguMuntu, kepha nokho wawungeke ubeke umaka kuYe. Yebo, mnumzane.

¹⁰⁵ *Ukunqoba* kuchaza “ukumqonda udeveli kuwo onke amacebo akhe okuphamba.” Inqwaba yabantu ithi, “Akekho udeveli. Ngumcabango nje.” Ningakukholwa lokho. Ukhona udeveli wangempela. Unguye impela nje njengoba wena unjalo noma ubani. Udeveli wangempela, futhi nifanele nimqonde ngempela. Nifanele nazi ukuthi ungudeveli. Manje-ke, isikhathi esifanayo e—enimqonda ngaso, futhi nazi ukuthi ungudeveli futhi umelene nani, manje-ke, ukunqoba, nifanele niqonde ukuthi uNkulunkulu okini mkhulu futhi unamandla kakhulu kunaye, ukuthi Lo okini usevele umnqobile. Futhi, ngomusa waKhe, nina niyamedlula. Amen. Nakho ukunqoba kwangempela, uma niqonda.

¹⁰⁶ Ubheka emuva, uthi, “Ngenza *lokhu* futhi ngenza *lokho*,” manje-ke, qhabo, u—u, uhluliwe.

“Kepha akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kepha ngokoMoya.” Manje-ke niyaqonda ukuthi ninqobile.

Futhi niyazi ukuthi ungudeveli. Ningeke nathi, “Nginokugula, futhi a—a—a—angikholwa ukuthi ngukugula.” O, yebo, ngukugula. Unomdlavuza, a “wukholwa ukuthi unomdlavuza.” Ngumdlavuza. Ngumdlavuza.

Kodwa, khumbulani, “Mkhulu Lowo okini kunalowo osezweni.” Nifanele niqonde ukuthi uMoya oNgwele okini usuvele uyingobile lento. Futhi Ukini, futhi ninganqoba ngaYe. Lokho kuyezwakala ngempela, impela indlela umBhalo olotshwe ngayo. Ukunqoba!

Ngifanele ngisheshise. Sengenze imizuzu engamashumi amane-nanhlanu manje. Sengeqa isikhathi ngempela manje.

¹⁰⁷ Qaphelani, ukunqoba! UNkulunkulu okini mkhulu kunalowo okuye. Unkulunkulu walelizwe akamkhulu njengoNkulunkulu waseZulwini, okungukuthi ukini, akusengaphezulu kokuthi ubumnyama bungama ebukhoneni bokukhanya.

¹⁰⁸ Manje, ubumnyama bungeme ebukhoneni bokukhanya. Angikhathali ukuthi kumnyama kanjani, ukukhanya kuyobukhipha. Bungeke bama. Udumo! Kodwa thatha ubumnyama ngakho konke ofuna ukukwenza, bese uzama ukuma uphikisane nokukhanya kanye, ubone ukuthi kwenzekeni.

Yilowo Okini, ngukuKhanya. Nalowo osezweni ngubumnyama. Ngakho, ukuKhanya kufakazisile ukunqoba ubumnyama, nomuntu okuKristu futhi owaziyo ukuthi uzinqobile izinto zezwe. Amen. Akusenazibopho kuwe, nhlobo. Ukhululekile. “Hambani ekuKhanyeni, njengoba Yena esekuKhanyeni, neGazi likaJesu Kristu lisihlanza kuso sonke isono, futhi sinenhlanganyelo omunye nomunye.” Nakho lapho okhona.

¹⁰⁹ “Lowo okini mkhulu kunalowo osezweni.” Manje, uma nibheka emuva futhi nilahliwe, khona-ke nisalokhu nisezweni. Kodwa uma niphila ngaphezu kwalokho, khona-ke Lowo okini uniholele ngaphezu kobumnyama.

Njengomnduze, ungaphezu kobumnyama bodaka. Ungaphezu kwamanzi anodaka. Usekukhanyeni, ubonisa ubuhle obafakwa kuwo ngaphambi kokuba ushiye udaka. Amen.

¹¹⁰ Manje ngi—ngizizwa nginjengomKristu omemezayo. Ukuthi yini eyayiphakathi lapho ngoNkulunkulu, ekuqaleni, kwacindezelela indlela yakho kwedlula, kuyanqoba. Kunqoba igobolondo. Kunqoba udaka. Kunqoba amanzi. Kunqoba yonk’into, futhi kwakungumnqobi, futhi kwabonisa ubuhle neNkazimulo kaNkulunkulu.

¹¹¹ Yileyondlela lonke ikholwa elenza ngayo. Yileyondlela uNowa enza ngayo. Yileyondlela uLoti enza ngayo. Yileyondlela. Bukani ukuthi amahliphihlphi anjani ayekuwo. Yileyondlela uMose enza ngayo. Yileyondlela uJoshuwa enza ngayo. Yileyondlela uDanyeli enza ngayo. Yileyondlela uShadiraki, uMishaki enza ngayo. Yileyondlela uJohane umBaphathizi

enza ngayo; uZakariya, uElizabethe. Yileyondlela uSimeyoni, yileyondlela uAna, bonke abenza ngayo. Banqoba udaka olwalubazungezile futhi lwathwalwa kubo. Baveza ikhanda labo phezu kwento, futhi bakhanyisa iNkazimulo kaNkulunkulu. Yilokho okwenziwa ngumKristu wangempela.

¹¹² Khumbulani, uJesu waMkhombisa ukuthi kwenziwa kanjani. Izinsuku ezingamashumi amane zokulingwa, Walingwa ngaphezu kwanoma yimuphi umuntu owayengake aze alingwe, ekulingweni kukaJesu Kristu. Bhekisisani. Wasikhombisa ukuthi kwenziwa kanjani.

Manje sengizovala, emizuzwini embalwa nje.

¹¹³ Bukani. Wasikhombisa ukuthi kwenziwa kanjani. Wakwenza kanjani na? NgeZwi. Ukwenze kanjalo-ke, ngokuba WayeyiZwi. NoJesu wathi, “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini,” senibuyele eZwini futhi, iZwi lesithembiso. Liyini iZwi lesithembiso kuwo wonke umKristu na? “Mkhulu Lowo okini kunalowo osezweni.” Manje-ke ngingqoba kanjani na? Hhayi mina, kodwa iZwi elikimi. IZwi linguNkulunkulu. Khona-ke ngingqoba izinto zezwe, ngoba yiZwi kimi. “Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi kini, khona-ke nje celani enikuthandayo.” Qhubekani nje nicindezela niya phezulu. Niza ngaphezulu, ngokuqinisekile njenganoma yini. Niyabo? Nifanele nifike ngaphezulu.

¹¹⁴ Izinsuku zakhe ezingamashumi amane zokulingwa, ngeZwi likaNkulunkulu Uyanqoba. Ngifuna ukuveza into ethize lapha okwemizuzu embalwa nje. USathane wenza ukuhlasela okukhulu okuthathu phezu kwaKhe kulokho kulingwa. Bhekisisani. Kuhlala njalo kukulokho okuthathu. Ningakukhohlwa. Niyabo? Wenza ukuhlasela okukhulu okuthathu, kusukela kokuphakeme kunakho konke kuya kokuphansi kunakho konke. Wazama ngamandla akhe onke ukuMnqoba. Kodwa WayeyiZwi. Amen. Wasebenzisani na? Qobo lwakhe, iZwi. Ukuhlasela okukhulu okuthathu kukaSathane noma ukuhlasela kokubhudekeza phezu kwaKhe, kodwa Wahlangabezana nakho ngeZwi. Konke ukuhlasela, Wayekwazi ukukuphansi ngeZwi. Bhekisisani lokhu manje, kusukela kokuphakeme kunakho konke kuya kokuphansi kunakho konke.

¹¹⁵ Okokuqala enza ukuhlasela kwakhe phezu kwakho, ukuba asebenzise amandla aKhe amakhulu. Okungukuthi, Wayazi ukuthi WayeyiZwi. Wayeyazi indawo yaKhe. Niyakholwa ukuthi Wayeyazi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Mina iNdodana yomuntu.” Wayeyazi indawo yaKhe. NoSathane uyafika futhi wayefuna ukuba Asebenzise amandla aKhe uQobo kuYe uqobo, ukuba Azondle, ufuna Azondle. Wayelambile. Umuntu elamba, cishe impela angenza noma yini. Uyokweba, aphange, anxibe, aboleke, noma yini. Niyabo? Wayenalokho kulangazelela ukudla.

NoSathane wasebenzisa ukuhlasela ngokubhudekeza kwakhe kokuqala okukhulu kakhulu phezu kwaKhe, ukuba athathe amandla aKhe Ayekade enikwe wona ukuba anqobe ngawo futhi awasebenzise kuYe uqobo. Akawasebenzisanga kuYe uqobo. Qhabo. Wawasebenzisa kwabanye. Kunjalo. Wawasebenzisa kwabanye, hhayi Yena uqobo. Ayengesiwo awaKhe. Nakuba, Wayengakwenza. Wayengakwenza ngempela.

¹¹⁶ Kodwa niyabona ukuthi udeveli utholani na? Udeveli ufuna unake yena. Wayenaka kuphela lokho uBaba ayethi akakwenze. Kunjalo.

Wathi, “Ngani,” USathane wathi, “kulotshiwe, ‘Uyakuyaleza iziNgelosi . . .’”

¹¹⁷ Wathi, “Yebo, kepha kulotshiwe futhi . . .” Niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo? Wayazi ukuthi WayenguBani. USathane wenza . . .

UMcabango ugijima ujule kunalowo Olotshiwe. Niyabo? Ngukuphefumulelwa. Umnyombo ungaphakathi kwaWo, niyabo, lokho Oyikho ngempela.

¹¹⁸ Nakuba Wayengakwenza, Akakwenzanga. Kodwa A—Akazange asinake isiphakamiso sikaSathane.

Manje, nansi into enhle. Niyabo? Ngesinye isikhathi uSathane angakuthatha, futhi uma ucabanga ukuthi wenza intando kaNkulunkulu, futhi angakwenzela isiphakamiso, uyothatheka kuso. Yebo, mnumzane. Impela angakwenza.

¹¹⁹ Manje ake sithathe nje, isibonelo nje, njengodadewethu. Bahle. Futhi angakufikisa endaweni, ukuthi, uyekele izinwele zakho zikhule, awuqondanga. Kubukeke kukuhle kakhulu kuwe, futhi, into yokuqala uyazi, uthi ukuthola ukuzizwa uphakeme, uthi ukuba ngaphezudlwana kwenye into. Abanye benu besilisa, niyazi ukuthi ngichaza ukuthini. Niyabo? Futhi angathatha leyonto efanayo futhi ayenze isiphakamiso nawe. Kunjalo. Niyabo. Ufanele ukunqobe lokho.

Khumbulani nje, niphilela uNkulunkulu. Ninempokophelo eyodwa, naleyo nguJesu Kristu. Ngaphandle kwaleyo, ayikho enye esemqoka. Leyo nguYe. Bese-ke, eyesibili, ngeyomndeni wakho. Bese-ke, eyesithathu, ngeyakho uqobo. Kodwa, kuqala, ngokukaNkulunkulu; okulandelayo, ngokomndeni wakho; nokulandelayo, ngokwakho. Wena ungowesithathu; lokho ngukuphela komgwaqo. Zibeke wena ube ngowokugcina; Wakwenza.

¹²⁰ Bukani ukuthi ngabe Wenzani. Wathi, “BeNgingabiza uBaba waMi, ngikhulume kuYe, Ubeyothi masinyane aNgithumelele olegiyona abayishumi nambili beziNgelosi.” Kanti, eyodwa yaZo yayingabhuhisa izwe. Wathi, “Ukuba uMbuso waMi ubuyilelizwe, manje-ke izikhonzi zami beziyolwa. Kodwa uMbuso waMi ungowaPhezulu.” Nakho lapho okhona. Niyabo?

Wayengakwenza lokho, kodwa Akakwenzanga. Niyabo? Nakuba, Wayengakwenza. Akazange asilalele isiphakamiso sikaSathane.

¹²¹ Manje, nibezwile yini abantu bethi, “Uma—uma ukholwa ukuthi—ukuthi kunomphilisi ngokukaNkulunkulu... Uma ungumphilisi ngokukaNkulunkulu... Hamba ulande umphilisi wakho ngokukaNkulunkulu. Nginendoda laphaya, iyagula. Ngithanda ukumbona eyiphilisa.” Niyambona lowodeveli ofanayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uzama ukwenza isiphakamiso nawe. Uzama ukukwenza umlalele esikhundleni sikaNkulunkulu. Kodwa eyangempela, inceku kaNkulunkulu iyolalele futhi ibone ukuthi uBaba uthini, kuqala. Niyabo?

¹²² Njengengane encane kaStadsklev, ngenkathi bethumela ngapha. NoNkk. Stadsklev wathi, “Mfowethu Branham, ngashaya ucingo ngiseJalimane.” Kwakukhona umbutho waseMelika, unenye yezindiza ezingamajethi zibekwe phandle lapha enkundleni, ingangindizisa ingiyise eJalimane ibuye ingibuyise, ngosuku. Wayengumfundisi wasempini. Nengane yayilele, ifile. Nalowomama omncane edazuluka, wathi, “Lalela!” Wathi, “Ngiyazi. Ngama khona lapho futhi ngambona lowo wesifazane ephethe leyongane efile ezingalweni zakhe, eyafa ngalokho kusa. Ngimbonile uMfowethu Branham ephumela lapho ngqo, wabeka izandla phezu kwaleyongane efile, futhi iyaphila.” Wathi, “Lena yingane yami, Mfowethu Branham.” Kwakungakaze kubekhona ukufa emndenini wabo. Niyabo? Nalento encane yangenwa ukugula ngokunye ukusa futhi yafa ngaleyontambama.

Lapha kwakumi bonke bezungezile, futhi benikeza iziprofetho nezinto, “Ingane izovuka,” nakho konke kanjalo.

¹²³ Ngathi, “Awu, lokho kuhleke kakhulu, Dadewethu Stadsklev. Kodwa ake ngibone ukuthi uBaba uthini.”

Ngaphuma ngaya emahlathini. Ngase ngikhuleka. Ngabuya ngangena; wasevele eseshaye kabili noma kathathu ngaphambi kokuba ngibuye ngokusa okulandelayo. Lutho.

Udokotela wathi, “Kulungile.” Wathi, “Uma lokho kuyikho, uma unokukholwa okunjalo, nenekazi, asisoze sayeka ingane isuke esibhedlela. Mayilale khona lapha. Hlala khona lapha nayo. Lokho kulungile.”

UMfowethu Stadsklev wahamba wayesebona induna yasempini. Bathi, “Impela. Sizomndizisa awele, sibuye simbuyisele emuva.”

¹²⁴ Futhi kwakukhona indiza ihlezi, ilindile, ukungiweza ngalokho kusa futhi ingibuyise ngalobobusuku, ngiye eJalimane, eHeidelberg, eJalimane, ngokuvuka kwalengane encane. Ngathi, “Impela, uNkulunkulu angakwenza, kodwa ake sibone ukuthi iyini intando yaKhe.”

¹²⁵ Ngase ngiphuma-ke, ngakhuleka ubusuku bonke. Akwenzekanga lutho. Ngiyabuya ngokusa okulandelayo; akwenzekanga lutho. Ngase ngiqala ukuya ekamelweni. Ngaleyonkathi nje ngabuka laphaya, futhi nakho kumi lokho kuKhanya kulenga lapho emnyango. Kwathi, “Ungasibeki isandla sakho kulokho. Ungakukhuzi lokho. Leso yisandla sikaNkulunkulu.”

¹²⁶ Ngamthola efonini. Ngathi, “Dadewethu Stadskev, ingcwabe ingane yakho. Yisandla seNkosi. Yintando kaNkulunkulu. Into ethize yayizokwenzeka kuleyongane phansi ngakulowomugqa. Idedele iye ngqo lapho uNkulunkulu azi khona ukuthi ikuphi. Ungaya kuyo manje. Iyaphila, ungeke. Iyeke khona kanjalo.”

¹²⁷ Lowomshumayeli omkhulu oyiLuthela eJalimane wabhala incwadi iletha wayesethi, “Ngingakuthokozela kakhulu, lokho, Mfowethu Branham ulindele lesosinqumo sikaNkulunkulu esingunqamlajuqu, ngaphambi kokuba asho noma yini.”

Yilokho-ke. Bamblela esinqumweni sikaNkulunkulu. Kungenandaba ukuthi abanye bathini, noma ngabe kuyini, ungenzi isiphakamiso noSathane, nhlobo.

¹²⁸ Uma uSathane ethi, “Manje, umbhaphathizo wamanzi, igama lika ‘Yise, iNdodana...’” Uma lokho, wenza ngisho nesiphakamiso, siyeke kanjalo. UNkulunkulu washo ngokunye. Uma ethi, “Ungowesilisa olungileyo, awudingi ukuba wenze...” Ungowesifazane olungileyo, awudingi ukuba wenze...” Ungenzi s’phakamiso. Uma iZwi lisho into ehlukile, wena hlala neZwi kungakhathaleki ukuthi kuyini. Yilesosibonelo uJesu aninika sona, futhi nakho lokho kuhlasela okukhulu, niyabo, akwenza kuYe.

¹²⁹ Bese-ke, ukuhlasela kwesibili. Ngizosheshisa. Kubukeka nje sengathi isikhathi nje sihamba masinya kakhulu. Ukuhlasela okukhulu okulandelayo kwakungukuthi, akwenza phezu kwaKhe, ukuthi Wayezoba ngobukisayo.

Nokuthi lokho kuzishaya kanjani izinceku zikaNkulunkulu, ukuba ngobukisayo, ukukhombisa ukuthi yini ongayenza. “Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! Ngingumkhululi! Nginje.” Niyabo? Niyabo?

¹³⁰ “Yenyukela lapha, esiqongweni sethempeli, bese uhlala phansi lapha.” WaMlinga ukuba akwenze. Manje, khumbulani, Walingwa ukuba akwenze, kanzima. Wathi, “Manje, uma Ufuna ukuba wutho phambi kwabantu, sukuma lapha kulelithempeli, ugxumele phansi.” Niyabo? “NgizoKunika umBhalo wakho, ngoba kulotshiwe, ‘Uyakuyaleza iziNgelosi ngaWe, funa, noma nini, uqhuzuke entsheni ngonyawo. UyakuKuthwala.’” UkuMenza abe ngobukisayo, ukukhombisa igunya laKhe.

¹³¹ Akukho-nceku kaNkulunkulu yeqiniso eke yenze lokho. Ubona indoda ibukisa, iqhunsule isifuba sayo, nakho konke kanjalo, khumbulani nje, kukhona okuthize okungalungile lapho. Qhabo. UNkulunkulu akakufuni lokho. UJesu wabeka isibonelo. Wayengakwenza. Impela wayengakwenza, kodwa Akakwenzanga. Akukho-nceku kaNkulunkulu engobukisayo, ngayo, ukuzama ukuthatha amandla kaNkulunkulu futhi izibukise ngaphezu komunye umuntu.

¹³² Niyakhumbula ukuthi uMose wakwenza lokho na? Niyakukhumbula na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu umnika amandla ukuba enze noma yini ayefuna ukuyenza; wamenza umprofethi. Wehlela kuleloDwala, wayeselishaya iDwala okwesibili. Lokho kwakuphambene nentando kaNkulunkulu.

UNkulunkulu wathi, “Khuluma kuleloDwala. Ungalishayi futhi. Wephula sonke i—sonke isi—isifanekiso lapha. Idwala lizoshaywa kuphela kanye.” Kodwa wakhuluma ngobuthakathaka beZwi ngenkathi enza lokho; Lokho kwakungenele. Ya. IZwi laliyilokho okwakwenzeka. LeloDwala laliyiZwi. Niyabo?

¹³³ Yena, okokuqala, walishaya iDwala namanzi aphuma. Base-ke boma futhi. Wathi, “Manje buyela emuva bese ukhuluma kulo iDwala.” Lashaywa kanye kuphela. Niyabo?

“Ukunganeli kweZwi,” uMose wafakaza kukho. “IZwi lalingaqinisile; Wayedinga ashaywe futhi.”

¹³⁴ Ngakho uMose wehlela lapho wayeselishaya iDwala kanjalo, wathi, “Vela!” Awangavela, ngakho walishaya futhi, wayesethi, “Vela! Ngiyakuyala ukuba uvele.” Namanzi afika.

¹³⁵ UNkulunkulu wathi, “Yenyukela lapha. Woza lapha. Uzidumise wena. Uthathe amandla aMi; esikhundleni sokungewelisa Mina, uzingewelise wena. Manje awuweleli ezweni. Bheka phesheya, ubone ukuthi lalibukeka kanjani; kodwa, lapha, uzosala khona lapha.” O, he! Akaze abekhona onjengoMose, niyazi. Qhabo, qhabo.

¹³⁶ Ngenkathi efika kulokho kubukisa noJesu, wathi, “Yenyukela ethempeli lapha bese uxumela phansi.”

¹³⁷ Wathi, “Kulotshiwe,” amen, “Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.” Niyabo? Wahlangabezana naye ngeZwi, kulokho, konke ukuhlasela okukhulu.

¹³⁸ Akukho nceku yeqiniso eke izame ukubukisa ngayo, nga-ngamandla kaNkulunkulu. Iyakwenza, ilahleka ngayo leyonkathi.

¹³⁹ Ukuhlasela okukhulu kwesithathu, uSathane wanikela ukuba alahlekelwe yilungelo lalombuso kuYe. Wakwenza. USathane wathi, “Uyayibona lemibuso yezwe na? Lena

ingeyami. Ngenza ngayo lokho engifuna ukukwenza. Ngizolahlekelwa yilungelo lawo kuwe.”

Kodwa, khumbulani, wayezama ukuMtholela ukuba alahlekelwe yilungelo lawo ngaphandle kwesiphambano. Ukuba Wakwenza, sasiyolahleka. Wayengawuthatha umbuso. Kodwa Ufanele alandele i . . . Ufanele abuye. Walingwa ukuba akwenze, manje. Ukufa kuyinto el'khuni. Walingwa ukuba athathe inkululeko yaKhe futhi abe yiNkosi yomhlaba, ngaphandle kwesiphambano. Kodwa, ukuba Wakwenza, izikhonzi zaKhe ngabe zafa. USathane wayeyosenza ngokujabula leso siphakamiso naYe. Kodwa Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane.” Akakwenzanga.

¹⁴⁰ Uyafika futhi wezwa ubuhlungu, futhi wathatha el'khuni, indlela emigoxigoxi. Wathatha indlela yokuhlushwa. Wathatha indlela yokufa.

Ngabe thina, kulokhu ukusa, siyavuma ukwenza, sithathe leyondlela efanayo Ayithathile na? Siyavuma ukufa na? Siyavuma yini ukuzinikela kuNkulunkulu, silahlekelwe yilungelo lalolonke izwe nezinto, ukuba sikhonze Yena na? Niyabo?

¹⁴¹ Manje, Wehluleka ukukwenza. Ngokuvuma u—ukulahlekelwa yilungelo lawo, uSathane wayenjalo, kuYe. Kodwa Akakwenzanga. Nakuba uJesu walingwa, Uyasingqobela. Wa—Wazibekezelela zonke izilingo ngenxa yami nangenxa yakho. Niyabo? Ngabe wawuthatha ngayo leyonkathi. Kodwa wayithathela ini enye indlela na? Ukuze sikwazi ukuza, sibe naYe. Futhi uma Akhokha inani elingaka njengalelo, manje-ke besiyobabancane kanjani ukuba singalithathi na? Kanti, khumbulani, akukho lutho lapha, empeleni.

¹⁴² Uma uphila iminyaka eyikhulu, uzofikaphi na? Ngokwengqondo, nengqondo yakho isihambile, yonke ikhubazekile, futhi isindala futhi intengantenga. Yilapho oyakhona, nalokho ngukuphela kwayo. Woza manje, nqoba into. Ukwenza kanjani na? NgeZwi. Okushiwo yiZwi, kwenze. Hamba uzithoba. Phila phambi kukaJesu.

¹⁴³ Wabekezelela izinto zonke ngenxa yakho nami. Uyisibonelo sethu ukuthi sisingqobe kanjani isizukulwane sethu esibi, njengoba Enqoba isizukulwane saKhe esibi.

¹⁴⁴ Khumbulani, ngenkathi Efika emhlabeni, kunokuningi impela nje ukungakholwa, noma okungaphezulu, kunoma kukhona noma ngasiphi isikhathi. AkuMkhathazanga nakancane. Ngenkathi beMbiza ngedemoni esikhundleni sikaNkulunkulu, ngenkathi beMbiza ngayoyonke into eyayingenziwa, akuMkhathazanga nakancane. Wayenempokophelo eyodwa: “Ukucabanga uBaba. Agcine iZwi.” IZwi linguNkulunkulu. Wayenomqondo owodwa.

¹⁴⁵ Ngezinye izikhathi siyalingwa ukuba sibuyele emuva. Abaningi benu, balingwa ukuba babuyele ehlelweni, babuyele emuva futhi baphakamise, ngoba lonke izwe lithi, “Ungowaliphi ihlelo na? Yiliphi ibandla ozingenise phansi kwalo na?” Siyalingwa ukuba senze lokho; sonke sinjalo. Odadewethu bayalingwa ukuba babuyele emuva, babuyele emuva futhi bajoyinane nawo onke amanye amabandla, namanye ama Assemblies, noma amabandla kaNkulunkulu, noma amanye awo; kube kuyilokhu kuyiPentecostal, nigunde izinwele zenu, futhi nigqoke nje cishe nganoma iyiphi indlela enifuna ngayo. Niyabo? Niyalingwa ukuba nenze lokho, nibuyele emuva futhi nibe abathandwa ngabantu nalesisizukulwane esibi esiphila naso.

Kanti, lesi isono esikhulu sezinsuku zethu. Siyisono esikhulu phakathi kwabantu bakithi, ubuzwe, njengoba iBhayibheli lathi iLaodi-...uNyaka waseLawodikeya wawunjalo. Lingokwezwe, “Licebile, kalisweli lutho; kalazi ukuthi lihambaze, elokuhawukelwa, elulusizi, futhi liphuphuthekile.” Leso yisono sosuku lwethu. Uma nizwa iZwi likaNkulunkulu limemeza limelana naso, khona-ke nithatha enye indlela, anithandwa ngabantu ezweni. Niyalingwa ukuba nibuyele emuva.

¹⁴⁶ Ngiyazi. Nilokhu nisho kimi. Ngiyazi nithi, “Ngasosonke isikhathi.” Ngiyazi niyakhathala ngami ngikhuluma njalo ngalezizinto. Ngiyakhathala nginibona nikwenza, nani, kunjalo, lesisono engizama ukunitshela ngaso. Nithi, “Yini ukhulume njalo ngaso na?” Yekani ukusenza, ke. Ngizama ukusindisa impilo yenu, ngeZwi. Ngiyakhathala, futhi. Ngakho, qondani nje. Lesi yisono, asifanele senziwe. Yebo, mnumzane.

¹⁴⁷ Simelwe ukuzinqoba lezizinto. Sibhekeke ukuba silingwe ngazo, izwe. “Uthanda izwe, izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe,” kwasho uJesu.

¹⁴⁸ Manje sizovala nje, futhi sisho lokhu. Kunomvuzo womnqobi.

¹⁴⁹ Ake nginifundele into ethize lapha. Phenyani emaBhayibhelini enu. Asibuyele eSambulweni, ese 3, isahluko 2. Bhekisisani lapha manje, zonke lezizinto ebengikhuluma ngazo, ukuzinqoba. Manje zibuke wena nje futhi ubone. Zihlole wena esibukweni sokuzibuka sokomoya, ubone ukuthi unqobile yini.

¹⁵⁰ Manje, umlayezo wokuqala, e—engilosini yase Efesu, ngifuna nilalele kulokho Akusho. NeSambulo, isahluko 2, ivesi 7. Lokhu kukulowonyaka webandla, ngenkathi Ebatshela konke ababekwenzile, “Bashiya uthando lwabo lokuqala.” Ivesi 7:

Onendlebe makezwe, lokho akushoyo uMoya emabandleni; O (umuntu, hhayi ibandla)... Onqobayo—onqobayo ngiyokumnika ukuba adle kuwo umuthi wokuphila, oseparadisi likaNkulunkulu.

Niyabo? Abanqobi eEfesu.

¹⁵¹ Manje, olandelayo kwakuyiSmirna. Manje, kubanqobi kulowo, silalela lokhu. Manje, ivesi 11.

Ku o—onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni; onqobayo akasoze oniwa ngukufa kwesibili.

Niyabo? Bayakunqoba.

¹⁵² Manje, lokho, manje bukani ePhergamu, sizothola ukuthi umnqobi wayemshiyele ini, kulokhu. Sizofunda ivesi 17, ebandleni lasePhergamu.

Onendlebe, . . .

Lokho, lowo ngumuntu ngamunye, hhayi iqembu lonke. Umuntu ngamunye, lowo nguMlobokazi ephuma, niyabo, iBandla.

Makuthi lowo onendlebe, ezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni; Onqobayo ngiyokumnika ukuba adle okwemana elifihliweyo, ngimuphe itshe elimhlophe, nasetsheni kulotshiwe igama Elisha, elingaziwa muntu ngolimukelayo kuphela.

Lowo ngumnqobi, wonyaka webandla.

¹⁵³ Manje, olandelayo iThiyathira. Ake sithole ukuthi umnqobi wayenani ngalolosuku. Asithathe ivesi 26.

Onqobayo, nogcina imisebenzi yami kuze kube sekupheleni, ngiyakumnika amandla phezu kwezizwe: (Kunjalo.)

. . . yakuzibusa ngentonga yensimbi; futhi ziphahlazwe njenge sitsha ezibunjiweyo: njengalokhu nami ngamukelisiwe nguBaba.

Niyabo, “NaYe, esihlalweni saKhe sobukhosi.” UKristu uzobusa izizwe, ngentonga yensimbi. Futhi nanti iBandla elinqobayo, “Lihlezi phakathi lapho, naYe, ukuphahlaza izizwe ngentonga yensimbi.”

¹⁵⁴ Manje asibayise ebandleni laseSardesi. Manje ivesi 5 lesahluko 3.

Onqobayo, uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe; negama lakhe angisoze ngalisula encwadini yokuphila, negama lakhe ngiyakulivuma phambi kukaBaba, nezingelosi ezingcwele.

Lokho kukumnqobi eSardesi.

¹⁵⁵ Manje, asithathe manje ivesi 12. Manje, lokhu kusebandleni lase—lase Filadelfiya, evesini 12.

Onqobayo ngiyakumenza abe-yinsika ethempelini likaNkulunkulu wami, futhi akasoze aphuma khona: ngiyakuloba phezu kwakhe igama lami, igama

likaNkulunkulu wami, negama lomuzi kaNkulunkulu wami, iJerusalema elisha, elehla livela ezulwini... kuNkulunkulu: ngiyakuloba phezu kwakhe igama lami elisha.

156 Bhekisisani ukuthi umnqobi uthenjisiwani. Niyabo?

Manje, manje iLawodikeya, lowo ngunyaka webandla wokugcina. Kuzoba khona abanye abanqobi phakathi lapho. Bhekisisani lapha. Yona, khumbulani, unyaka webandla ngamunye, oqhubekayo udla ifa yonke eminye eyalinelayo. Bhekisisani phezulu lapha. Manje, lapha, kusemva kokuba sebemukele onke lamandla, lamagama amasha, nayo yonke into ilotshiwe, Ayethembisa, futhi badla imana elifihliweyo, futhi kwehle njalo. Bhekisisani lonyaka webandla wokugcina, iSambulo 3:21.

Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, (amen), njengalokho nami ngingqoba, ngahlala noBaba esihlalweni sakhe sobukhosi.

Onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

157 Kunomvuzo wabanqobi. Cindezela uyephambili, mnduze. Uma kukuwe, beka eceleni udaka nayo yonke enye into, bese ucindezela uye ngaphezulu. Yebo, mnumzane. “Ukuba ahlale naMi esihlalweni saMi sobukhosi.”

158 Niyazi, ngesinye isikhathi, umama kaJames noJohane... ngeke sibe nesikhathi sokukufunda. Umama kaJames noJohane wafika wase ecela lendawo. Niyakwazi lokho na? Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Nkosi, vumela indodana yami ihlale ngakwelinye icala, nenye indodana yami ihlale ngakwelinye.” Naso isifiso sikamama ngendodana yakhe.

Kodwa bhekisisani. Kodwa, “Leyondawo,” uJesu wathi, “yamiselwa ngaphambili.” Lesisikhundla sasingakabibikho ngalesosikhathi. Ngani na? Qaphelani. “Siyonikwa labo esiqondiswe kubo.” Ini na? Lowo ukuba ahlale ngakwesokunene, nomunye asondele kakhulu kuYe, wayengumnqobi nokho. Niyabo? Kwakusalokhu... Wathi, “A—Angikuphi lokhu. Ngeke ngakupha lokhu, kodwa siyonikezwa emva kokufika kokuvivinywa.” Amen. Niyabo? “Ngeke nganinikeza lokhu. Kodwa emva kokufika kokuvivinywa, bayohlala ngakwesokunene nangakwesobunxele. Kunenzalo emiselwe ngaphambili elindele lokho ngaphandle ngaleya. Kuyonikwa labo okuthenjiselwe bona. Kuyonikwa lapho, kodwa ukuvivinya akukafiki okwamanje; ukuthi, akakanqobi okwamanje.” Niyabo?

¹⁵⁹ Umuntu owayezothatha lendawo ngakwelinye icala, nomunye ukuba ayithathe ngakwelinye icala, eduze kwaKhe eMbusweni, yayingakanikezwa nokho, niyabo, ukuthi lowo uyanqoba. Ukuvivinywa kwakungakehli nakho. “Kuyokwehla ngenkathi ezayo.”

“Uma sihlupheka ngenxa kaKristu neZwi laKhe, siyakubusa kanye naYe, ngokuba UyiZwi.” Khumbulani, “Uma sihlupheka ngenxa yaKhe neZwi laKhe, siyakubusa kanye naYe, eZwini laKhe.”

¹⁶⁰ Qaphelani. Yena, isibonelo sethu, uyanqoba, wase-ke enyukela phezulu, emva kokuba esenqobe ukufa, isihogo, ukugula, ithuna. Yonk’into, Wanqoba. “WaYesenyukela phezulu, wayesethumba abathunjweyo, upha abantu izipho.” Lelo kwakuyiTestamente eLidala, nabangwele beTestamente eLidala ababenqobile. Babebheke uMuntu onjalo, futhi bafa ngaphambi kokuba Kufike lapho. Kodwa ngenkathi loMuntu efika, “Akubandulelanga ababelele.” Amen. Ngeke balahleka, noma ngayiphi indlela. Baphile noma bafe, kwenza mehluko muni na? “Abayikwandulela.” Niyabo? Babebheke lokho.

¹⁶¹ Ngisho noJobe emuva lapho, wayekubhekile. Wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu komhlaba.” Kwakunomuntu nje, umuntu ophelele. Wanikela ngomhlatshele. Wenze yonke into uNkulunkulu amtshela ukuba ayenze. Wayenza ngokuzithoba nangenhlonipho. Wayengumprofethi. Kwase kuthi-ke uSathane wafika, ukuba amlinge. (Njengoba efika nje ukuba akulinge.) Wenzani na? Waqhubeka nokuma lapho.

Umkakhe waze waphuma, wathi, “Ungemthuke uNkulunkulu futhi ufe ukufa na? Ubukeka ulusizi kakhulu uhlezi lapho.”

¹⁶² Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Manje, akazange athi wayeyisiwula, kodwa wakhuluma njengaye. Niyabo? Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Wathi, “INKosi iphile, neNkosi ithathile; alibongwe iGama leNkosi.” Uyanqoba.

¹⁶³ Unqoba okwakuzoshiwo omakhelwane. Unqoba konke lokho amalunga ebandla, uBidad nabobonke, ababezokusho. Unqoba umbhishobhi nalokho ayezokusho. Unqoba isikhulu sesonto lamaloma ukhadinali nalokho esasizokusho. Unqoba ihlelo, lokho ababezokusho. Futhi wahlala nokungcweliswa kweZwi. Amen. Nokho, kwambiza konke ayenakho, ngisho nabantwana bakhe. Wayenwaya amathumba ngocwezu lokhamba, ehlezi phezu kwalokhu, kepha nokho uyanqoba. Futhi ngenkathi ihora elikhulu lokulingwa ekugcineni seliphumelele, khona-ke amafu agoqeka ahlehla.

¹⁶⁴ Wabuka yonke into eyayinomqondo. Wathi, “Kunethemba emthini uma ufa; ubuye uphile. Nembewu iwela emhlabathini,

iyabola; ibuye iphile. Kodwa umuntu ulala phansi futhi afe; aphele. Nabantwana bakhe bafike, amadodana akhe, ukumdumisa nokumlilela; akakuboni. Akabe esavuka. O, nango. Yini indaba na? Ngiyimbewu, nami. Ngiyinto ethize, ukuthi yimbewu, futhi ngiyoya emhlabathini. Ngeke ngisavuka. Ngiyolala lapho. O, ngifihle endaweni yabafileyo, ungigcine endaweni efihlakeleyo kuze kwedlule ulaka lwaKho. Unginqumele isikhathi futhi ungahlulele. Njengokugubheka kwamadwala, amanzi agubha itshe.” O, waqhubeka, esho zonke lezizinto. Wayekwazi ukubona zonke lezizibonakaliso phandle lapho, ukuthi kwakuyini. O, akakwazanga nje ukukubona.

¹⁶⁵ Futhi, Dadewethu Rodgers, uyakhumbula ngenkathi ngishumayela lokho emngcwabeni kaBusty. Niyabo?

¹⁶⁶ Kanjani, lokho, “Wayegubha amatshe,” ukuthi zikanjani lezizinto. “O, O Wena, ngisithe endaweni yabafileyo, futhi ungigcine endaweni efihlakele.” Wayelokhu eqhubeka nokucindezela. Wathi, “Ngifisa sengathi ngabe ngangazi. Ngifisa ngabe sengathi ngangazi ukuthi ngangangaya kuphi, kuMuntu owayengabeka izandla zaKhe phezu kwami, umuntu oyisoni, noNkulunkulu ongcwele, nokuba angikhulumele kuYe.” O, he! “ULapho. Ngiyazi Ulapho. KunoMuntu mumbelapho ongenza lokho. KunoMuntu mumbelapho ndawondawo. NgingaMfumana kuphi lowoMuntu na? Ngingafumanaphi na? Ngiyongqongqotha emnyango waKhe futhi ngikhulume naYe na. Uma omunye uMuntu ubengabeka kuphela izandla zaKhe phezu kwami, naphezu kukaNkulunkulu, futhi—futhi ahlanganise ngebriji indlela yami, akhulume! Uma kuphela bengingafumana lowomuntu! O, Ukuphi na?”

¹⁶⁷ Wahlolisisa kulolonke ibandla lakhe. Wayehlolisise kuyoyonke inhlangano yakhe. Akamfumanga uMuntu onjalo.

¹⁶⁸ Futhi khona manjalo, amafu agoqana abuyela emuva, futhi wabona lowoMuntu eza. O! Inhliziyo yakhe endala yashaya ngokujabula. Kwase kwenzeka into ethize-ke. “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. KunoMuntu onjalo.” Amen. Usekhona uMuntu onjalo. “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Futhi noma, emva kokuba izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, engiyakuMbona mina uqobo. Uyakuma phezu komhlaba ngosuku lokugcina.”

¹⁶⁹ Ngalokho kusa kwePhasika, ngenkathi Evuka phandle ngaleya, nomzimba kaJobe ungasengaphezu kwesipuni esigcwele semilotha, wayelindile. WayeyileloQembu elikhethiweyo. Wavuka ethuneni futhi wangena emzini, noAbrahama, uSaka, uJakobe, uJobe. O, he! Amen. Ngokuba, babebheke uMuntu onjalo.

¹⁷⁰ “Nakulabo Ababheke uKristu okwesibili,” abanganqoba izinto zalelizwe, ngomusa waKhe, ukuba bangene kuYe, futhi

nivale amahlo enu kunoma yini enye into kuphela Yena neZwi laKhe, “Uyobonakala okwesibili eNkazimulweni.”

“Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, abafileyo kuKristu bayakuvuka; labo abasekhona besasele bayakuguqulwa, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, bahlwithelwe phezulu ndawonye, ukuba baMhlangabeze emoyeni.”

¹⁷¹ Noma ngabe ngingabe ngiyisipuni esigcwele semilotha, kumbe noma ngabe ngiyaphila ngenkathi Efika, akusho mehluko kimi. Amen. Akunandaba, ngoba ngiwubambile umbono. Iveyili ligoqeke lahlela, futhi ngiyaMbona. Lo owayengama, futhi abeke izandla zaKhe phezu kwami, umuntu oyisoni, naphezu kukaNkulunkulu ongcwele. Futhi uyinhlawulo yami. UyiZwi engilimele. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi.” UyileloZwi, futhi Umele mina, Lapho. Amen. Futhi ngiyolimpongoloza, inqobo nje uma ngisenomphefumulo, “UngukuVuka kwami nokuPhila kwami.” Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esishonayo. Yonke iminye imihlabathi iyisihlabathi esishonayo.

¹⁷² Njengoba Ababamba ababebheke lokho, kanjalo Uyoza kongcwele ngamunye weTestamente eLisha onqobe bonke abagxeki bamahlelo, obelokhu enqoba zonke izono ezithandwa ngabantu zalolusuku, zalonyaka esiphila kuwo manje, njengoba Enza kuyoyonke eminye iminyaka yebandla, labo abanqoba kulowonyaka webandla. Labo abanqoba ini na? “Ngicebile. Angisweli lutho. Ngine. . . O, ngiyikho konke *lokhu* nakho konke *lokhu*. Futhi nginguMlobokazi. Ngiyilokhu. Angisweli lutho.’ Kanti kawazi ukuthi ungothambaze, ophuphuthekile.”

¹⁷³ Niyawubona lowonyaka odukisayo engiwushilo na? Awufani nalabo ababenqunywe amakhanda abo, emuva ngaleya, ukuba bathole itshe elimhlophe; hhayi labo abafa phansi kokufel’ukholo, futhi bashiswa ngezixobo, nezinto ezinjalo; abazuze umqhele. Kodwa yilonyaka odukisayo manje, abacabanga ukuthi bayiyo yonke into. “Awu, ngiyilunga lebandla. Ngingowesilisa olungileyo. Ngingowesifazane olungileyo. Ngenza *lokhu*. Angidingi ukuba ngenze *Lokhu*.”

¹⁷⁴ “Kodwa onqobayo,” onqoba zonke lezozinto zezwe zalonyaka, bayokwenzani na? Bonke bayohlala naYe esihlalweni saKhe sobukhosi; bayongena ekuHlwithweni uma Efika. O, he! Yini engiyikhathalele, pho? Yini okufanele siyikhathalele ukuthi izwe lithini na? Yini okufanele siyikhathalele ukuthi noma ubani uthini na? UMoya oNgcwele omkhulu uphakathi kwethu. INsika yaKhe yoMlilo iyasihola futhi iyasiqondisa. IZwi laKhe liqinisekiswa phambi kwethu. Uthando lwakhe lusenhliziyweni yethu. Izwe lingemuva. Sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Izwe licabanga ukuthi niyahlanganyela.

Kodwa kufanele uJesu athwale
 lesisiphambano yedwa,
 Futhi lonke izwe lihambe ngokukhululeka na?
 Kunesiphambano sawo wonke umuntu,
 Futhi kunesiphambano sami.

¹⁷⁵ Iminyaka engamashumi amathathu nantathu ensimini, nalesisiphambano esahlukaniselwe ngiyakusithwala ngiyoze ngikhululwe ngukufa.

¹⁷⁶ Abafowethu mabangenqabe, basho noma yini abafuna ukuyisho, okungenqabayo. Kodwa phezu kwaleli Zwi ngimi, naleLi lodwa.

Lesisiphambano esahlukaniselwe
 ngiyakusithwala
 Nguyoze ngikhululwe ukufa,
 Bese-ke ngiya eKhaya, oHlwithweni,
 ngithwale umqhele.

¹⁷⁷ Yilokho sonke esikufunayo. Akusikho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yilokho esikufunayo. Lelo ngelethu—lelo yithemba lethu nokunxusa. Ayikho eminye imicabango esinayo, kodwa lowo ophezu kukaJesu Kristu. Naphezu kokulunga kwaKhe simi, sodwa, nokulunga kwaKhe eZwini laKhe. “NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” NeZwi lisalokhu Liziqinisekisa.

¹⁷⁸ Sinqoba kanjani na? Ngokuthatha iZwi, isithembiso, ngokuthobeka, sihamba ngokuzithoba.

Lesisiphambano esahlukaniselwe
 ngiyakusithwala
 Nguyoze ngikhululwe ngukufa,
 Bese ngiya eKhaya, ngithwale umqhele.

¹⁷⁹ Ngokuba, “Uma sekukhala leloCilongo!” Ungangimbela olwandle, kodwa iCilongo liyongivusa. Kunjalo. Ngiya eKhaya, ngoluny’usuku. Amen. Kuze kube yileyonkathi, ngiyozabalaza ngiqhubeke, amen, ngithwele lesisiphambano; ngigcine amehlo ami hhayi kubantu, kodwa phezu kweKalvari ngaleyana, ngokuba wayeyisibonelo sami. Wakhombisa ukuthi kwenziwa kanjani. Futhi isibonelo saKhe, siyosilandela ngokujabula, usuku nosuku.

Ngilandela uJesu isinyathelo ngasinye
 sendlela.
 Ngilandela uJesu isinyathelo ngasinye
 sendlela.

¹⁸⁰ Anikuthandi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, ngicabanga kanjani, ngiMlandela, usuku nosuku, isinyathelo ngasinye sendlela.

Asikhuleke.

¹⁸¹ Nkosi Jesu, ihora nemizuzu eyishumi nanhlanu manje, ngimi lapha, ngizama ukuthatha iZwi laKho futhi ngichaza kubantu ukuthi kunqotshwa kanjani. Wasitshela ukuthi kwenziwa kanjani. Awusitshelanga kuphela, kodwa Wasikhombisa ukuthi kwenziwa kanjani. Wasihola. Wasikhombisa ukuthi kwenziwa kanjani: semukele iZwi ngaphakathi kithi, futhi siqiniseke ukubambelela kuleloZwi, “Kulotshiwe,” kuzozonke izilingo; kodwa sizithobe, sihambe ngokuzithoba. Khona-ke siqobile, ngaWe, ngamandla aKho asevele esinqobile isitha sethu. Nento kuphela esifanele siyenze ngu—ngukuhamba ngokuzithoba nje ngokukholwa, sikholwa Lokho, nebheji lethu lenkomba kaMoya oNgcwele, noSathane uzofanele asuke.

¹⁸² Kunamaduku abekwe lapha. Amele abantu abagulayo. Bangabadingayo, Nkosi. Futhi bayafunda kuleliZwi elingenakuphosisa lapho abathatha khona emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku nezindwangu. Abekwa phezu kwabantu abagulayo. Imimoya emibi yaphuma kubo, nezimangaliso ezinkulu zenziwa. Manje, UyiNkosi uJesu ofanayo namhlanje.

¹⁸³ UPawulu washumayela leliZwi, futhi waloba leliZwi, iZwi elifanayo esizama ukulilandela. Ngoba, wathatha iTestamente eLidala futhi walifanisa, futhi wakhombisa ukuthi laliyisifanekiso, ukuthi konke okweTestamente eLidala kwakuyisifanekiso esipehelele seLisha. O Nkosi, kwangathi singalandela lesosibonelo.

¹⁸⁴ Sibona iNkosi yethu, Eyakwenza. Futhi siyakuqonda lokho, labo bangcwele beTestamente eLidala, kulokhu ukusa, sithola ukuthi bahamba. Ngenkathi uJesu evuka, bahamba naYe. Futhi, Nkosi, sikholwa ukuthi siyohamba lapho Ebetha iCilongo. Siyakukholwa, ukuthi ibandla liyophuma lihambe ngaloloSuku futhi liyojoyinana ne—neqembu lamaHeberu laLo, futhi, kanyekanye, kuyoba nesidlo sakuSihlwa soMshado eNkazimulweni. Labo balindile.

Sikhulekela manje isihawu saKho nomusa phezu kwethu. Abanqobi, Nkosi, abanqobi, siyakulangazelela ukuba ngabanqobi. Singobe. Nkosi Jesu, Unqoba izwe. Manje ngikhulekela ukuthi Uzovumela wonke umuntu lapha, kulokhu ukusa, “Silahle sonke isono, silahle okusindayo okuthandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo.”

¹⁸⁵ UPawulu wakhuluma lokhu, Baba wethu waseZulwini, laphaya eNcwadini yamaHeberu, ukuthi, “Sifanele silahle konke okusindayo,” lesosahluko 12, ukuthi wakhuluma lokhu, emva kokuba wayesevele esikhombisile isibonelo, emuva lapho: labo abaqhubekayo; labo abangaqhubekanga; labo abalandela ngokusivivi; labo abalandela benyuka ngaphambili; labo abalibala ngemuva. Konke, Wakhombisa izibonelo. Wayesephenduka wayesethi, “Masilahle konke okusindayo,

zonke izinto ezincanyana ezisithandelayo, ukuze sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo; sibhekile kuYe, umqalisi nomphelelisi wokuKholwa kwethu, Owasinika isibonelo.” Senza lokho kulokhu ukusa, Baba.

¹⁸⁶ Manje, amakhanda ethu ekhotheme, manje hlolani ngempela ngokusondele, ngempela, ngokusondele ngempela. Futhi, manje-ke, yibani qotho ngokujule ngempela. Nje ku—nje kuthatha . . . Yilokho kuphela okukuthathayo: ukuhlola kwakho nobuqotho bakho. Cophelela ngempela njengoba uhlola manje. “Ngihlole, Nkosi. Ngivivinye. Ngabe bukhona ububi kimi na? Uma bukhona, Nkosi, mangibubeke phansi, khona lapha manje. Lendawo, lapho engikhotheme khona, ialtare laKho. Ngibubeka phansi, khona lapha manje, ngibeke izinyawo zami phezu kwakho. Uma sengisuka ngihamba, buzolala lapho. Amandla eGazi laKho azobuqothula. Ngifuna ukuba ngumnqobi. Nginento ethize engikhathazayo, Nkosi. Ngifuna ukunqoba, kulokhu ukusa. Ngingakwenza, ngaWe. Ngitsheliwe lokho, yiZwi laKho. Ngibubeka phansi manje, Nkosi, futhi ngibeka izinyawo zami phezu kwakho. Njengoba ngedlula ngiphuma kulendlu kulokhu ukusa, ngihamba, ukwazi ukuthi bufakwe e—emgqonyeni wesisusa-mabala iblishi kaNkulunkulu. Abusobuye bukhunjulwe. Manje ngizobuvuma futhi ngicele isihawu.”

¹⁸⁷ Amakhanda ethu ekhotheme, amehlo ethu evaliwe; izinhliziyi zethu zicabanga, lowo ngumnyango oya emphefumulweni manje. Ngabe ikhona yini into ofuna ukuyilahla kulokhu ukusa, into ofuna ukuyinqoba na? Futhi uzame kanzima impela, kodwa, kulokhu ukusa, uzoyeka nje ukuzama. Uzokwemukela nje lokho Akwenza. Ngifuna nje uphakamise isandla sakho, uthi, “Nkosi, ngifuna ukunqoba. Into ethize iyangikhathaza.”

¹⁸⁸ Nkosi Jesu, Uyazibona lezozandla. Manje, njengenceku yaKho, ngimi phakathi kwabaphilayo nabafileyo, ngilahla yonke into ekhathaza lababantu nami uqobo. Futhi ngikucela eGameni likaJesu Kristu, singayishiya ilele lapha ealtare likaNkulunkulu, futhi sisuke sihambe kulokhu ukusa, sikhululekile, njengabanqobi.

¹⁸⁹ Uma odadewethu ubengakabi nawo umusa ngaphambilini, kwangathi ungaphiwa manje, Nkosi. Uma abafowethu ubengakabi nawo umusa, kwangathi ungaphiwa manje. Futhi kwangathi, ngokuthobeka, umama nabantwana bakhe, esikhundleni sokuba ngabazidlayo. Uyazi ukuthi ubeka . . . Ungumshumayeli kubo abantwana abancane. Impilo yakhe iyisibonelo. Ubabayi uyisibonelo kumama, ngokuba uyinhloko yendlu. Umama ubezama ukuba ubasi ngakuye; akasophinde akwenze. Uma ubemsebenzisa ukuba abe ngumata waphansi, akusophinde kwenziwe. Ungumsizi. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi zonke lezizinto ezisivimbelayo, Nkosi, zingasuswa.

¹⁹⁰ Si—sizehlukanisela thina, Baba, ukuthi sikhathi sini sokuphila esinaso phambi kwethu, sazi lokhu, ukuthi sizofanele sifike ekupheleni kwaso, futhi lokho masinya. Ngakho, kulokhu ukusa, sithatha lelithuba, emva kwaloMlayezo. Sithatha ithuba, Nkosi, ukuba size, ngoba siyayalwa ukuba size. “Phosa iminako yakho phezu kwaKhe, ngokuba uyakunakekela.” Ngiyazi Uyanakekela, Nkosi. Wanakekela ngokwenele ukuba ufele thina. Futhi singanakekela ngokwenele ukuba size futhi semukele Owakufelayo.

¹⁹¹ Singcwelise, Nkosi. Sigcwalise kabusha ngoMoya oNgcwele. Kwangathi uMoya oNgcwele ungabusa nje ezinhliziyweni zethu, ngokukakhulu, ukuthi sizohamba, sikhohlwa yizinto ezisemuva, inkucunkucu nesidaka esake saphila kukho. Sizojonga emgomeni wokubizwa okukhulu, lapho iziBani zethu zingakhanya khona kakhulu ngobumnandi nangokuthobeka, kuze kuthi wonke odlulayo engathi, “KunomKristu owakhe laphaya kulelogquma. Lowomuntu, lowowesifazane, lowowesilisa, uyimbali kaNkulunkulu ehlukaniselwe ngempela. Banomoya omuhle kakhulu futhi banomusa kakhulu, njalo bayathanda futhi banomoya omuhle, nokuqonda.” Siphe khona, Baba. Masibe nobusawoti, ukuze umhlaba wome; siphe khona, Baba; futhi ngoba izinto zalelizwe, neminako yalokhu kuphila. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ngi. . .

Manje asiphakamise isandla sethu nje.

. . . Msindisi . . .

Ebizani na? “Yenyuka, uphume odakeni.” UkuPhila okuphakame; Into ethize ikuwe, ikudonsela ngapho. Iyini na? NguYe. Phansi odakeni, izimbali ezincane; ninokuPhila phakathi lapho, kucindezela kini. Yilokho okunibizayo, “Yenyukani, niphume odakeni.”

Landela, landela. . .

¹⁹² Manje, nikusho ngempela na? Manje valani amehlo enu.

Lapho Engiholela khona ngola- . . .

Manje zinikele. Kusho ngempela lokho, manje.

Lapho Engiholela khona ngolandela,
Lapho Engiholela khona ngolandela,
Ngohamba naYe, naYe, yonke indlela.

Lapho Engiholela khona ngi. . .

Ngobumnandi manje nje. Khumbulani, zibeke wena lapho.

Ehola. . .

“Ngizokubeka lapha, Nkosi. NgizoKulandela, kusukela manje kuqhubeke. NgiyaKwemukela. NgiyaKukholwa.”

Lapho Eholela. . .

Khumbula, impilo yakho izofakaza kakhulu kunomlomo wakho. Okuphilayo kuzofakaza kubantu kakhulu kunalokho okushoyo.

Hamba naYe, naYe, (indlela, kuphi na?) Yonke indlela.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisa elithi *Lapho Engiholela Khona—Umhl.*]

¹⁹³ Nje zahlukanisele wena uqobo, ngokujulile, ngokuqotho, yonke inhliziyo yakho. Ukuba-ke lesi bekuyisikhathi sakho sokugcina obuyoke uze uvunyelwe ngaso ukukhuleka na? Kungahle kube yiso. Ngithemba ukuthi akusiso. Kungaba yiso. Manje-ke, qiniseka manje, qiniseka ngempela, qiniseka ngempela. Khumbula, umnyango uzovala, ngoluny'usuku, khona-ke sekuphele konke. "Celani, niyakuphiwa."

[UMfowethu Branham uqala uhamisha elithi *Lapho Engiholela Khona—Umhl.*]

¹⁹⁴ Cabangani nje ngayo yonke inkazimulo Aninike yona, yonke into Ayenzile. "Ngiyakholwa, Nkosi. Ngiyakholwa. Ngiyakholwa ukuthi Ungumnqobi wami. Ngihamba naWe nje, Nkosi. Ngifuna ukuhlala ngisondele kuWe, ukuthi lapho Okhona, lapho ngifuna ukuba khona."


¹⁹⁵ Futhi khumbula, Wasitshela, Baba, ukuthi, "Siyokuba neNkosi kuze kube phakade, nxa sesihlwithwa." Nje sinokuthi—ukuMuthi nje nhla, njengoba Ehamba nathi manje. Kodwa manje-ke sizo...Kuyinto enkulu kanje pho, ukwazi nje ukuthi Uphakathi kwethu—kwethu! Kuyobanjani lapho sesinaYe kuze kube phakade na? Sithanda kakhulu konke okwemisebenzi yethu: singaphuma sigibele; singahamba siyothenga; singahamba siyozingela, sidobe, kumbe noma ngabe yini esingayenza ngokutamasa. Kodwa, o, uma ibandla livula, niyabo, sifuna ukuhlangana neNkosi yethu. Lokho ngokukhulu kakhulu kunazo zonke izinto. Manje-ke, cabangani, Wasithembisa. "Futhi sibe neNkosi kuze kube phakade. Sihlale naYo esihlalweni saYo sobukhosi, futhi sibe naYo kuze kube phakade." O Nkulunkulu, thina ngokuzithoba, na—namakhanda ekhotheme, siyakwemukela, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁹⁶ Niyazizwa ukuthi ningavele nje nishiye, manje, yonke into, wonke umthwalo na? Ningavele nihambe nje niwele, phezu kwakho manje na? Uma nizwa, phakamisani isandla senu, nithi, "Ngomsa kaNkulunkulu ngibeka phansi lokhu kuvivinywa. Angizukulwa nakho, nhlobo. Ngizobamba isandla saKhe nje, ngiqale ukuhamba ngiqhubeke."

"Ngilwile, Mfowethu Branham. Ngizame ukuyeka ukubhema. Ngi—ngizame ukuyeka izinwele zami zikhule. Ngizame ukwenza *lokhu*. Ngenze. . . ngizamile, kakhulu impela, Mfowethu Branham. Nje angikwazi ukukwenza."

Ungakuzami, nhlobo. Bamba isandla saKhe nje, uthi, “Baba, Wena faka isandla sami ekhwapheni.” Niyabo? “NgizoKunika isandla sami nje. Ngizohamba ngiqhubeke, Nkosi, ngibuka Wena.” Kuzokwenzeka. Kuzokugqokisa njengomKristu wangempela. Uzoba ngumKristu wangempela.

¹⁹⁷ Ngize nginibone, kulobubusuku, uNkulunkulu anithande futhi abe nani. Ningabantwana bami beVangeli. Ningabathengiweyo.

Manje nginibuyisela umelusi wenu, ukuba anikhiphe, Mfowethu Orman Neville. 

NGINGANQOBA KANJANI? ZUL63-0825M
(How Can I Overcome?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Agasti 25, ngo 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org